# *UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade*

Busiswa. Ngiyabonga, mnumzane. Kuhle kakhulu ukuba lapha kulobubusuku. Ngisilindile lesisikhathi ngokulindela okukhulu. Sifika edolobheni lenu elikahle cishe ezinyangeni eziyisithupha ezedlule, emva ngqo kukaKhisimuzi, futhi kade sigogobale lapha nani. Futhi ngelinye ilanga ngenkathi ngisaphumile noMfowethu Tony Stromei, nga . . . Sawela embonweni ukuthi kwakuyobakuhle sazane kangconywana ngaphambi kokuba sasidingeka sisuke. Futhi sacabanga kwakuzobakuhle ukuba sibe nomkhankaso omncane ezansi lapha, ukuthola i . . . sonke sibuthana ndawonye futhi sibe nenhlanganyelo ethize ngaseZwini likaNkulunkulu. Futhi mina . . .

2 Abaningi balaba bazalwane ngihlanganile nabo, futhi ngivakashela amanye amabandla abo futhi ngathola ukwemukeleka impela okumangalisayo. Futhi ngicabanga ukuthi kuyinto enhle kakhulu ukuthi sonke singahlangana ndawonye okwalobubusuku obumbalwa manje, ukuhlanganyela ngaseZwini likaNkulunkulu. Sithemba ukuthi kuzoba yimpumelelo enkulu enkazimulweni kaNkulunkulu, nokwandisa isizathu uJesu asifela, lokho ngukuthi, ukuze Abe nebandla elingenasisihla noma umbimbi uma Esebuya. Manje, asimele noma iyiphi inhlangano ethize. Siza nje njengamahlelo ehlukeneyo, ukuhlangana ndawonye nawo wonke umKristu, ukuze sibe nalenhlanganyelo ndawonye.

3 Futhi sizokhulekela abantu abagulayo. Futhi izikhathi eziningi, uma uphatha ukukhulekela abagulayo, khona-ke bathi, "umphilisi ngokukaNkulunkulu." Qhabo. A—angikholwa kukhona kuphela Oyedwa, futhi lowo nguKristu. Thina . . . Ngezinye izikhathi baqhasela lokho kuwe, njengomphilisi ngokukaNkulunkulu, kodwa ngoba ukhulekela abagulayo. Kodwa angikholwa ukuthi ukukhulekela abagulayo kungakwenza ube kakhulu umphilisi ngokukaNkulunkulu kunokuba kungakwenza uMsindisi ngokukaNkulunkulu ukukhulekela abalahlekile. Ngakho siyazi ukuthi ngeke saba uMsindisi ngokukaNkulunkulu noma umphilisi ngokukaNkulunkulu.

4 Siyakholwa ukuthi zonke lezizinzuzo ezinkulu esizijabuyelayo namhlanje kulomnotho wobuKristu esinawo, wonke wathengwa eKalvari yiNdodana kaNkulunkulu, uJesu Kristu. Siyakholwa ukuthi "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko

zethu. Yachotshozwa ngenxa yobubi bethu. Isijeziso sasiphezu kwaYo ukuba sibe nokuthula, nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Konke kuyinkathi edlule. Kuyinto ethize uNkulunkulu asenzele yona eKalvari. Futhi, njengamaKristu, sinelungelo ukujabulela lezizibusiso Asithengele zona.

5 Ngakho, ngakho-ke, akukho muntu obengasindisa omunye. Uma kwakuyobanjalo, uJesu wayengeke adingeke afe. Kodwa ngenkathi uJesu efa eKalvari, Waxazulula phakade umbuzo wesono. Futhi wonke umuntu, sonke isidalwa emhlabeni, ngenkathi Efa, sasindiswa ngawo impela lowomzuzu. Konke . . . Inani lakhokhwa, ngokuphelele. Kwahlangatshezwana nalo kakhulu kanjalo ukuthi uNkulunkulu wakhomba ukuthi kwakuyiqiniso.

6 Manje, into kuphela esizofanele siyenze, ukwemukela lokhu, ngukukwamukela, ukukukholwa nokukwemukela. Kodwa akunandaba ukuthi Wayifela kangakanani insindiso yethu, si—sifanele, qobo lwethu, sikwemukele njengesethu uqobo isehlakalo esiqondene nomuntu, isifiso sethu—sethu uqobo. Sifanele sifune ukusindiswa, futhi sikholwe ukuthi phezu kwezisekelo zeGazi laKhe elichithekileyo ukuthi sisindiswa emva kokuba sesihlangane nezidingakalo zeBhayibheli.

7 Ngiyakholelwa eBhayibhelini liyisambulo esigcwele sikaJesu Kristu. Manje, ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu angazenza izinto engalotshiwe eBhayibhelini, ngoba UnguNkulunkulu. Kodwa inqobo nje uma singakuthola eBhayibhelini, njengesithembiso, khona-ke siyazi ukuthi kuyiqiniso, ngoba i—iZwi liyiqiniso, njalo. Futhi ngakho siyaMkholwa ukugcina isithembiso saKhe.

8 Ngikholwa ukuthi Ungumninimandla. Ngikholwa ukuthi Ungongenasiphelo. Ngokuba ngongenasiphelo, Wayazi zonke izinto. Wazi izinto zonke. Iminyaka eyisigidi ngaphambi kokuba kube nezwe, Wayazi ukuthi siyohlala lapha kulobubusuku. Uma kungenjalo, Akasuye ongenasiphelo. Futhi uma E—futhi uma Engesuye ongenasiphelo, khona-ke Akasuye uNkulunkulu.

9 Ngakho siyakholwa ukuthi iZwi, leliBhayibheli, liyiZwi likaNkulunkulu, futhi, ngakho-ke, ukuthi—ukuthi ungalengisa umphefumulo wakho phezu kwanoma yisiphi isigaba saLo. Yileyondlela kuphela ongaba nayo nokukholwa, ukukholwa ukuthi une . . . Ukukholwa kuzofanele kube nendawo yokugxilisa okwehange ndawondawo, futhi kufanele kugxilise okwehange endaweni. Futhi akukho lutho olungaqina kakhulu kuneZwi likaNkulunkulu, ngoba iZwi nguNkulunkulu. Yilokho iBhayibheli elikufundisayo. Ngakho-ke, uma uNkulunkulu esho noma yini phakathi Lapha, okholwayo angaLigcizelela ngo "amen," yonke into Ayishoyo.

10 Manje, ngenxa yaKhe engongenasiphelo, onamandla onke, osezindaweni zonke, angeke abe Ngokukodwa ngaphandle

kokunye. Futhi ukuba abe nguNkulunkulu, Uzofanele abe yikho konke kwakho.

11 Manje, ngakho-ke, ngokuba nesiphelo njengoba sinjalo, ngalonyaka singasebenza entweni ethize futhi sicabange ukuthi siyithole iphelele. Ngonyaka ozayo, noma mhlawumbe kusasa, sifanele siguqule umqondo wethu. Kwehlukile. Sithole into ethize engcono, ngoba, thina, singabanesiphelo.

12 Kodwa Ungongenasiphelo. Ngakho uma Esho iZwi, liphakade ngaleyondlela. Alisoze lenziwa laba ngcono. Alisoze labuyiselwa emuva. Uma uNkulunkulu wabizelwa enkundleni, kunoma yiluphi udaba, futhi indlela uNkulunkulu enza ngayo kuleyonkundla, ngesikhathi sokuqala, Ufanele enze kuze kube phakade ngendlela efanayo uma Ebizelwa enkundleni futhi.

13 Ngoba, uma Ubengenza ngokwehlukile kunoma Enza ngesikhathi sokuqala, khona-ke kunento ethize enephutha. Niyabo? Yena. . . Angeke kube ngokuphelele. Niyabo? Ngakho-ke Wenza ngokuyiphutha ngenkathi Enza esikhathini sokuqala, uma Enza ngokwehlukile ngesikhathi sesibili kunoma Enza ekuqaleni.

14 Ngakho-ke, ngenkathi uNkulunkulu enza ikhambi ukuba umuntu asindiswe, ensimini yase-Edeni. Yena. . . Bazama ukwenza ngcono ikhambi laKhe, eminyakeni eyizinkulungwane eziyisithupha, futhi abasoze balithinta. Wenza, phezu kwezisekelo zeGazi elichithiwe lomuntu okhohlisiweyo ongenacala, futhi Akakaze akuguqule. Sizame ukufundisa abantu imfundo kuKristu. Sizame ukubahlela kuKristu. Sizame zonke izinhlobo zezinqubo, kodwa zonke zehlulekile. Iyodwa kuphela indawo umuntu angahlangana khona emhlabathini ojwayelekile, neyokukhonza, futhi leyo iphansi kweGazi elichithekileyo likaJesu Kristu. Bekukade kungaleyondlela kusukela ekuqaleni, ngoba Angeke akuguqule. Kuhlala njalo kuyiGazi, iGazi.

15 Futhi namhlanje uma sicabanga ukuthi sihlukile komunye umfo, nokunye nokunye, akusebenzi nje. Sifanele silokhu semukela lezozisekelo zeGazi elichithiweyo. Futhi ngakho-ke, ngenkathi uNkulunkulu ebizelwa enkundleni, ukuphilisa umuntu, Waphilisa umuntu phezu kwezisekelo zokukholwa kwakhe. Futhi uma Ebizelwa enkundleni futhi, Uyophilisa umuntu olandelayo ngendlela efanayo, kungenjalo Wenza ngokungeyikho. Uma uNkulunkulu ake waphilisa umuntu ngoba wayekholwa, bese kuthi-ke umuntu olandelayo ebiza ngohlobo olufanayo lokukholwa, uNkulunkulu ubophezelekile ukwenza into efanayo kumuntu olandelayo. Uma kungenjalo, Ungumbandlululi wabantu, futhi wenza ngokungafanele endaweni yokuqala. Ngakho, niyabo, buyelani eZwini. Ngi—ngiyakukholwa ngayo yonke inhliziyo yami.

16 Manje silindele uNkulunkulu ukuba asenzele izinto ezinkulu. Futhi sifuna, uma sesihamba, ukubona isibusiso sishiywa kulelidolobha. Futhi ngiyazi niyoba yisibusiso kimi, ngokuba lapho kuhlangene ababili noma abathathu ngeGama laKhe, Wethembisa ukuba lapho. Manje, uma lokho kungenjalo, khona-ke sonke silahlekile neBhayibheli linephutha. Lokho kwenza uJesu Kristu lapha manje. Uma lokho kungenjalo, khona-ke yini esiyishumayelayo, yini esiyikholwayo na? Niyabo? Ulapha. "Lapho kuhlangane ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngiphakathi kwabo." Manje, sifanele senze-ke, futhi sikholwe, futhi—futhi sikholwe ukuthi Ulapha, futhi senze sengathi Ulapha. Futhi sikhumbule, Uyasibhekisisa emva kokuba sesisuka lapha, futhi.

17 Futhi sithemba ukuthi wonke umuntu ongasindisiwe uzosindiswa ngalomkhankaso. Sithemba ukuthi akuzukuba nesihlalo esingenamuntu, kuwo onke lamabandla lapha amelwe, kusukela kulesisikhathi kuqhubeke. Futhi ngithemba ukuthi kuyoba nefeshini endala, imvuselelo ethunyelwe uNkulunkulu eqala ngokushesha, idabule lapha eTucson, eyothumela nje imiphefumulo eyizinkulungwane eMbusweni kaNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi leyo yintando kaNkulunkulu. Leso yisifiso saKhe kulobubusuku.

18 Futhi akukho noyedwa umuntu ongakwenza ngesingabo. Kuthatha thina sonke, ndawonye, ukudonsa ndawonye, ukukhuleka ndawonye, ukuma ndawonye ebunyeni, eMoyeni. Futhi kukhulekeleni lokhu. Abazalwane kade engitshela ukuthi amabandla kade linemihlangano yomkhuleko, ukwandulela lomhlangano. Futhi nginokubonga kakhulu ngalokho. Kuyo . . . Uma nihlangana ndawonye ukukhuleka kanjalo, kuguqula wonke umkhathi, uma sikhuleka.

19 Manje, asizukuzama ukunihlalisa isikhathi eside, kukuhlwa ngakunye, ngoba ngiyazi nifanele niphume futhi niye emsebenzini wenu. Ngakho sizozama, ubusuku ngabunye, ukunidedela kuse eli, ukuze nizobuya ngobusuku obulandelayo. Futhi lokhu nje ngukuvakasha okuncane, njengoba size ndawonye. Futhi sinobusuku nje obune, ngiyakholwa. Kunjalo, ngiyacabanga, kunjalo, uLwesithathu, uLwesine, uLwesihlanu. Ya. Kulungile, ubusuku obune. Bese kuthi-ke sigcina lapha kulelihholo elifanayo okokudla kwasekuseni kweBusiness Men, ngoMgqibelo ekuseni, okungukuthi, umphakathi umenyiwe.

20 Manje, angisiso isihambi. Angizizwa njengesihambi phakathi kwenu. Ngingu—ngingumfowenu. Futhi ngakho ngithemba ukuthi nizwa ngendlela efanayo ngami. Futhi manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini, asisondele kuMqalisi weZwi sisakhothamisa amakhanda ethu nje umzuzwana okomkhuleko.

21 Nkulunkulu uSomandla, Yise weNkosi yethu uJesu Kristu, OwaMvusa kwabafile futhi uMgcinile ephila yonke leminyaka . . . Futhi Uyaphila kuze kube phakade ebusa ezinhliziyweni zethu kulobubusuku, ethatha ukulawula, ukusihola nokusiqondisa. Kwangathi sonke singazinikela entandweni yaKhe yobuNkulunkulu, ukuze Asihole endleleni Azosihambisa kuyo.

22 Sifuna ukuKubonga, Baba, ngalelithuba elimangalisayo ukuveza uJesu Kristu ngendlela yomPhilisi omkhulu onamandla, uMsindisi omkhulu womuntu, uMenelisi kuyoyonke inhliziyo elangazelelayo, ukuPhila kwabagulayo, iNsindiso kwabalahlekile, iNkosi ezayo kwabangcwele. O Nkulunkulu, siphefumulele sonke, kulobubusuku.

23 NgiyaKubonga ngalamadoda, lababelusi bezimvu bemihlambi yalelidolobha, lababazalwane abangabefundisi abanamadlanzanyana amabutho amancane konke ngapha ngasedolobheni, lapho abezwa ngokuqhubekayo uMoya kaNkulunkulu ukungena phezu kwa—kwamagagasi o—oMoya oNgcwele, uhamba ungena phakathi kwabo futhi ubatshela ukuthi bafanele benzeni, ukuthi bafanele bazihole kanjani izimvu. Futhi kulobubusuku, kubonakala sengathi, Nkosi, njengoba uMlayezo uhuhuluze wedlula kulawo magagasi, ukuthi bonke bavumelene ukuthi sifanele size ndawonye kulenkonzo. Manje woza, Nkosi Jesu.

24 SiyaKubonga ngeRamada Inn nangezingalo zayo ezivuliwe ukwemukela iVangeli, yasivumela size lapha ukukhonza kulendlu enesishayisa-moya. Baba, Nkulunkulu, siyakhuleka ukuthi akuzukuba khona umuntu olahliwe ozophuma kulendlu engasindiswanga. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi i . . . Uma isitafu salendlu, kuleRamada enkulu, singasindisiwe, siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobasindisa.

25 Philisa ukugula ngapha. Kwangathi kungafezeka ukuthi abantu bazongena kulelihholo futhi bakhale izinyembezi, ngaphansi kwamandla kaMoya oNgcwele. Siphe khona, Nkosi. Siyazilangazelela lezizinto. Futhi siyakholwa ukuthi yintando yaKho yobuNkulunkulu ukukwembula kithi manje, nokusikhombisa uBukhona baKho, ukuthi Ulapha futhi uphila njalonjalo, futhi unathi kuze kube phakade.

26 Sibusise njengoba sikhipha umzamo wethu obuthakathaka. Kwangathi uMoya oNgcwele ungangena. Futhi kwangathi singecabange imicabango yethu uqobo, kodwa kwangathi singaba nemiqondo yethu ivuliwe ekugcotshweni okukhulu koBukhona baKhe, ukuze sizokwazi umqondo waKhe, ukugcwalisa okwalotshwa emBhalweni, "Mawube kini lowomqondo owawukuKristu."

27 Sibusise, Baba wethu. Futhi uma sesisuka enkonzweni kulobubusuku, kwangathi singasho sisaya emakhaya ethu,

"Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma kithi endleni na?" njengoba kwenza ngeliny'ilanga kudala, okofakazi wokuqala wokuvuka, njengoKleyophase nomngani wakhe wayebuyela emuva besuka emzini. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

28 Abantu abaningi bawuhlobo lokuthatha imiBhalo ukuthi umvangeli uyo—uyofunda kuyo. Futhi ngiyafisa, kulobubusuku, ukuthatha nje amavesi ambalwa omBhalo futhi ngizame ukuwachaza, ngendlela yami ethobekile, ukuthi ningahle nibone uJesu Kristu. Ngifuna niphenye kanye nami manje encwadini kaJohane oNgcwele, isahluko se 12 nevesi la 20, uma ningathanda ukungilandela njengoba sifunda. UJohane oNgcwele 20 noma . . . UJohane oNgcwele 12:20 nelama 21.

> *Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyuka ukuba bakhuleke emkhosini:*
>
> *Lawo-ke aya kuFiliphu, waseBetsayida laseGalile, futhi acela kuye, athi,* Banumzane*, sithanda ukubona uJesu.*

29 Bese kuthi-ke encwadini yamaHeberu, isahluko se 13 nevesi le 8.

> *UJesu Kristu nguyena izolo, . . . namuhla, naphakade.*

30 Ngifisa ukwenza lokhu njengendikimba: *UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade.*

31 Ngangethamele ibandla ngeSonto ebusuku, lapha edolobheni, elinye lamabandla enu amahle. Futhi lapha ngizamile ukuvakashela amaningi njengoba ngingenza, selokhu sibe sedolobheni, futhi sithole inhlanganyelo enkulu nokwemukeleka neAssemblies of God, amaBaptisti, neAnderson Church of God, namanye amaningi engiwavakashelayo. Futhi kulelibandla, emuva kwe—kwepulpiti, kwakunomBhalo, njengeBhayibheli, ulotshiwe, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Lolo uhlobo obelukade luyingqikithi kimi emikhankasweni, ukuthi bengingakusebenzisa lokho, ngoba ngiyakholwa ukuthi yonke iNcwadi yisambulo sikaJesu Kristu, futhi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Bese kuthi-ke okwe . . .

32 Ngithanda ukwakha okwengqikithi yami, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Futhi ngi—ngiyakholwa, kulobubusuku, ukuthi wonke owesilisa nowesifazane phakathi lapha uzozizwa ekhululekile ukuthi lamaGreki ezwakalisa imizwa yethu sonke. Ngokuba, ayezwile ngoJesu, futhi manje ayefuna ukuMbona. Ngi—ngikholwa ukuthi—ukuthi akekho owesilisa ongezwa indaba emangalisayo kaJesu Kristu kodwa lokho akulangazelela enhliziyweni yakhe ukufinyelela ekuMboneni. Lokho yi—yi . . . Lokho yi—yisifiso sokholwayo, ukuMbona. Futhi angikhathali noma ngabe Mfishane, mude, noma ngabe Uyini. NgiyaMthanda. Ngifuna ukuMbona. Futhi

Lowo Owangisindisa futhi ukwenzele mina Akwenzile, ngi—ngilangazelela ukuMbona.

33 Manje, akukho kungabaza ukuthi lamaGreki ayengamaproselite enkolweni yamaJuda, ngoba siyabona ukuthi kwakungumkhosi wePhasika, lapho iwundlu lephasika labulawa, nalamaGreki ephakathi kwabo. Manje, amaGreki ayengawabantu abanethalente eliphakeme kakhulu. Ayehola umhlaba ngobuciko. Futhi ayengabantu abafunde kakhulu isayense. Futhi ayengabantu abakhulu. Futhi ayeyizifundiswa; ayefunda izincwadi eziningi. Ne—nento ethize, ayengahle ukuba ayebambe i—into ethize; ukuthi enhliziyweni yomuntu, elangazelela ukuthola into ethize eqeda lokho koma okukhulu okungena enhliziyweni yomuntu.

34 Sewake wacabanga ukuthi kungani umuntu enze okungafanele na? Kungenxa yokuthi uzama ukwenelisa ukoma kwakhe lokho uNkulunkulu akufaka enhliziyweni yakhe, ukomela Yena. Bese kuthi-ke uzama ukukwenelisa ngezinto zezwe. Akusoze kweneliseka kuze kucinywe nguNkulunkulu qobo lwaKhe, aze Angene futhi anelise lokho kulangazelela okukhulu nokoma enhliziyweni yomuntu. Kunokuningi kakhulu nje komuntu okungeke kugcwale. Akukho enye into engathatha indawo yakho aze uNkulunkulu athathe indawo yaKhe eyiyo enhliziyweni yomuntu.

35 NalamaGreki ayezwile, futhi akukho kungabaza ayekade efunda iTestamente eLidala, futhi ayezwile ngoMesiya ozayo nokuthi Uyoba yini uma Esefikile. Futhi ayekade elangazelele ukubona ukuthi uNkulunkulu uyoba yini ngenkathi Ebonakaliswa enyameni, ukuthi uyobukeka eyiNdoda enjani eyogcwaliswa emthameni kuze kuthi ukugcwala kobuNkulunkulu kube kuYe. "Uyoba yini?" Futhi ayezwile ngoJesu, owayezisho ukuba uyiloMuntu, uMesiya.

36 Lokho, amaJuda iminyaka eyizinkulungwane ayebheke Lona ozayo, lapho uNkulunkulu qobo lwaKhe eyokwenziwa umuntu esimweni seNdodana yaKhe, ukuze ophe futhi afe. Ngokuba kwakungekho muntu owayengafela omunye, ngoba sonke sasinecala, ndawonye. Umuntu oyedwa wayengeke amsindise omunye.

37 Futhi lapho kwakufanele kube uMuntu Owayefanele. Emithethweni emdala, ukuthi abefundisi bayazi, njengomhlengi oyisihlobo. Kwakudingeka . . . Yena, uNkulunkulu, kwakufanele abe yisiHlobo segazi kithi. Futhi Wanqamula ithende laKhe—laKhe. Futhi wehla, ekubeni nguNkulunkulu, uJehova omkhulu; futhi wenziwa inyama, esimweni seNdodana yaKhe, ukuze uNkulunkulu abonakaliswe. Futhi afanele, futhi isiHlobo segazi kithi, ukuze Afe ukususa izono zethu, ukusindisa okwaKhe uqobo okudaliwe.

38 O, indaba inkulu kakhulu! Ayikho indlela yokusondela kuyo, ukwazi okwangempela, ukuthi ubungayizwakalisa kanjani. Akukho . . . Ayikho olwimini lomuntu, obelungezwakalisa ukuthi thando luni lolo, ukuthi uNkulunkulu ehle, uMdali, ukusindisa okudaliweyo kwaKhe uQobo.

39 Manje, sithola lamaGreki oma. Ayezwile. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, nokuzwa ngeZwi." IBhayibheli lasho njalo. AmaHeberu athi, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, nokuzwa ngeZwi likaNkulunkulu." Manje, ayezwile ukuthi kwakuzobakhona uMesiya, ngakho manje-ke azela ukuzobona. Wona, azela ukuzobona loMuntu owayezoba yilowoMesiya; Owakholwa, phakathi kwabantu, wayeyilowoMesiya.

40 Manje, leso yisimo esifanayo esisihlelayo kulobubusuku. Sizwile ngoNkulunkulu. Sifundisiwe ngoNkulunkulu. Iminyaka, sibe namabandla, amabandla amakhulu, amadoda amakhulu, abavangeli abakhulu. Kodwa ngikholwa ukuthi siphila ethunzini lokuFika kweNkosi uJesu. Lapho, leliBandla livele ekulungisisweni phansi kukaLuther, ukungcweliswa phansi kukaWesley, langena embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, futhi liza eBandleni eliphelele elingenabala noma umbimbi. Lokho, ngaleloBandla, ukuze uNkulunkulu akwazi ukuhlenga abuyise bonke abangcwele abagezwe ngeGazi, futhi abayise eKhaya, kwehle njalo ngomnyaka. Futhi siyi . . . Siba kakhulu ngabafana noKristu, nakakhulu edlanzaneni, ngaso sonke isikhathi.

41 Manje, sithola ukuthi lamadoda elambile, azela ukuzobona ukuthi leNdoda yayibukeka injani. Futhi abuza umbuzo, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Manje, ayezwile ngaYe, ezwa abanye bekhuluma ngaYe, bafunda ngaYe eBhayibhelini, kodwa ayefuna ukuMbona.

42 Manje endikimbeni yami, iBhayibheli lathi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Manje-ke, uma lamadoda yayinokufisa ukuMbona, noNkulunkulu wenza indlela ukuthi ukuba magange kwawo kwakungeneliseka; Wenza indlela ukuba akwazi ukuMbona, ngenye yezinceku zaKhe. Manje, uma—uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, futhi sinesifiso esiqotho esifanayo ukuMbona, Akabophezelekile yini ukuba azibonise Yena uqobo phakathi kwethu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, leso yisitatimende esikhulukazi. Kodwa uma iBhayibheli lingaqinisile, pho sikuphi-ke na? Niyabo? Kodwa iBhayibheli lathi Uyafana. Futhi uma E . . . Angeke nje aba ngofanayo *ngenye* indlela. Uzofanele afane ngandlela zonke Ayelokhu enjalo. Uthi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade."

43 NalamaGreki ayefuna ukuMbona, ngoba ukukholwa kwakuvele ngokuzwa. Futhi ayafika futhi leneliseka. Asuka ahamba, azi ukuthi lowo kwakunguMesiya.

Manje, uma sinokufisa kulobubusuku ukubona Lo O . . .

44 Siya esontweni, noma ngabe sizwa sikuthanda noma qha; futhi lapho thina, ibandla lethu, sikhokha izishumi zethu. Ngabe—ngabe kusenganekwaneni na? Ngabe nje ku—kusesakhiweni esikhokha kuso na? Ngabe lendoda, engumelusi wethu, ingazifanisa nomuny'umuntu wento ethize okungekho lutho kuyo na? Ngabe inkolo yamaKristu ifana nesifundo esiphathelene nezinganekwane zamaGreki noma isifundo esiphathelene nezinganekwane zamaRoma, noma okuthize, yinganekwane nje na? Noma, ngabe ingubumpela na?

45 Manje, kimi, leliBhayibheli kuphakathi kokuthi liqinisile noma Linephutha. Onke amaZwi aqinisile noma akukho nalinye laLo eliqinisile. Niyabo? Futhi manje, uma Enza lesisithembiso, khona-ke akusuwe nami esibophezeleke kulesisithembiso. Akusuwe nami esibophezeleke ekufakaziseni lesisithembiso. NguYe ophansi kwesibopho, ngoba NguYe Owasishoyo. Kunjalo. Sicaphuna kuphela lokho Akusho, ukuthi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Futhi nansi i . . .

46 Bangaki lapha abangathanda ukuMbona na? Nje—nje ngokusho njalo, phakamisa isandla sakho. Uthi, "Ngi—ngiyathanda . . . " [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, kwakunababili lapho, ababili kuphela ababefuna ukuMbona, futhi lapha ngamabili noma amakhulu amathathu afuna ukuMbona. Awu, manje-ke, kungani singeMbone uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade na? Manje, yileyondlela esifuna ukukubuka ngayo. Kuphakathi kokuthi yiQiniso noma akusilo iQiniso. Futhi yingakho ngikuzwakalisile esikhathini sokuqala. LeliBhayibheli kuphakathi kokuthi liyiQiniso noma alisilo iQiniso. Ngakho-ke, uma iBhayibheli lisho noma yini, ungabambelela nje kuyo, ngokuba uNkulunkulu ubophezeleke kuleliZwi, ngokuba Waba nguYe owenza isithembiso. UNkulunkulu washo njalo, kulungile, kunjalo.

47 Manje, kuzoya ngokuthi ufunani. Ngokwejwayelekile uthola lokho okufunayo. Ngifuna nikukhumbule lokho. Manje, uma ufuna ukubona uNkulunkulu, uNkulunkulu ubengabonwa. Uma ufuna ukuzwa uNkulunkulu, uNkulunkulu angezwiwa. Njengoba nje Ubenjalo izolo, Unjalo namuhla. Akaguquki.

Manje, kungikhumbuza indatshana, nokho iqinisile.

48 Ngakhe eIndiana, ikhaya lakithi lendabuko. NgingumKentucky, ngokuzalwa. Futhi sakhe ngaseMfuleni iOhio. Amanzi enele ehlela lapho, usuku, ukwenza ulethisi umile yonke iArizona. Izigidi zamagalani amanzi edlula ehlele kulelodamu, futhi kubukeka sengathi ngandlela thize sasingawedlulisa. Sinangaphezu kwesiwadingayo lapho. Kucishe impela kube yixhaphozi. Futhi—futhi udinga amanzi lapha. Kodwa ayobakhona, ngoluny'usuku, kulesosikhathi

esikhulu seminyaka eyiNkulungwane ezayo, lapho isono sisuswa emhlabeni, nalezozinto ziyolunga.

49 Kwakukhona umdobi omdala owayakhe ezansi kulowomfula. Wayeyidikoni ebandleni lami. Igama lakhe kwakunguWiseheart, indoda endala ekahle kabi. Futhi kwakukhona uSonto sikole othize edolobheni lakithi, ibandla elihle, ihlelo elikhulu elihle elaziwa amazwe ngamazwe, inhlanganyelo, umelusi okahle, nabantu abakahle. Futhi kwakukhona umndeni othize edolobheni lakithi, owawukhonza kulelibandla. Futhi kwakukhona umfanyana kulomndeni owaba nokushisekela ngempela ngoluny'usuku, emva kokuzwa eminingi imibhalo ebhalwe eflaneleni nokunye nokunye, waze wathi kunina, wathi, "Mama, uma uNkulunkulu enguNkulunkulu omkhulu, njengoba uthi Unjalo, ukhona obengaMbona na?"

50 Wathi, "Ndodana, ufanele ubuze uthisha wakho kaSonto sikole. Umama akakwazi ukukutshela lokho."

51 Ngakho waya kuthisha kaSonto sikole wayesethi, "Thisha, kukhona engithanda ukukubuza khona. Ungitshela ngoNkulunkulu oMkhulu," wathi, "omkhulu kakhulu. Uvula uLwandle oluBomvu enzela amaIsrayeli. Futhi Wenza ilanga likhanye, futhi Uyingilizisa umhlaba ngokuphelele esikhathini, emkhondweni walo, nokunye nokunye." Wathi, "Ukhona obengaMbona na?"

52 Wathi, "Lokho kujule kakhulu kimi. Uzofanele ubuze umelusi."

53 Ngakho waya kumelusi wayesethi, "Melusi, ukhona obengabona uNkulunkulu na?" Wathi, "Mkhulu kakhulu. Ngiyakuzwa ukhuluma okuvela kuYe, epulpiti, usho ukuthi Mkhulu kanjani." Wathi, "Ukhona obengaMbona na?"

54 Wathi, "Qhabo, ndodana. Akekho obengaMbona," wathi, "ngoba ungeke nje wambona uNkulunkulu. Yilokho kuphela. Sizofanele nje siLikholwe."

55 Awu, umfo omncane, akukwenelisanga. Ngakho yena, ngoluny'suku, wayenomfowabo omdala, umdobi, emfuleni. Futhi babenyukele kulokho okubizwa ngeSix-mile Island. Ngamamayela ayisithupha, isiqhingi, saseLouisville, eKentucky, ukuya kulesisiqhingi. Babekade bedoba enhla lapho, futhi babekade bebambe okuhle ukubanjwa kwezinhlanzi. Futhi emgwaqeni sebehla, nakhu kuqubuka isiphepho. Futhi lapho sineziphepho eziningi, le—lelozwe elimanzi, umbani nokuduma, neziningi izimpophoma ezinkulu zemvula. Futhi—futhi ngakho emva kwe. . . Babefanele baye ogwini futhi babe semva kwezihlahla.

56 Futhi emva kokuba isiphepho sesiphelile, babuyela esikebheni sabo base beqala ukwehla. Kwakungesikhathi sokuhlwa, noma intambama, njalo, nelanga lishona emuva

ngapha eTucson ndawondawo. Lalibonisa ukukhanya kwalo esibhakabhakeni, futhi kwakukhona uthingo lwenkosikazi oluphumela emkhathini-zwe wasempumalanga. Nomdobi omdala wayegwedla isikebhe sakhe ngezigwedlo zakhe. Njengoba, yonke into ifreshi, imvula yayigugule uthuli, futhi kuyisikhathi esihle. Futhi umuntu kuphela ozejwayele izigwedlo angathokozela lesosigqi sokuketuka kwezigwedlo, lapho isikebhe sishushuluza endleleni yaso sidabula amanzi. Intshebe yakhe emhlophe ilenga, futhi wayelokhu ebukela lolothingo lwenkosikazi.

57 Nomfanyana, eshisekele, waqalaza ukubona ukuthi umnumzane omdala ohloniphekile wayebukani. Futhi wamqaphela umdobi omdala, izinyembezi ezisangilazi ziqathakela entshebeni yakhe emhlophe. Nomfanyana, ehlezi ekhaleni lesikebhe, uba ngoshisekele kakhulu waze waphuthuma waya ngasendaweni engemuva yesikebhe wayesethi kumdobi omdala, "Mnumzane, ngizokubuza umbuzo umama wami, nothisha wami kaSonto sikole, nomelusi wami abanga—ngakwazanga ukwenelisa ukulangazelela kwami ukwazi into ethize."

Wathi, "Yini, ndodana na?"

Wathi, "Ukhona ongabona uNkulunkulu na?"

58 Nomdobi omdala, eqiwe kakhulu ngowakhe. . .umbuzo womfo omncane, wadonsela izigwedlo zakhe esikebheni, washo wagaxa umfanyana ngezingalo zakhe. Nezinyembezi zageleza ezihlathini zakhe. Wathi, "UNkulunkulu akabusise inhliziyo yakho encane, s'thandwa. Konke engikubonile, iminyaka engamashumi amahlanu edlule, bekunguNkulunkulu." Ya. Niyabo?

59 Ungathola omningi kakhulu uNkulunkulu, ngaphakathi, ngangokuthi ungaMbona ndawo zonke obuka kuzo. Uyabo? Kodwa kuze kube yilesosifiso sokuMbona, awuyikuMbona. UngaMbona ekushoneni kwelanga. UngaMuzwa ekukhaleni kwenyoni. UngaMbhekisisa ndawo zonke. Umacala onke. Kodwa indoda endala yayinomningi kakhulu uNkulunkulu, ngaphakathi kuyo, ya—yayikwazi ukubona uNkulunkulu ndawo zonke. Futhi ngicabanga ukuthi lolo wuhlobo lwendlela esifanele ukufuna ngayo uNkulunkulu, futhi singabona uNkulunkulu nomaphi esibuka khona.

60 Manje, kodwa, sibuyela ekutheni, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Manje, singazi kanjani—kanjani na?

Uma ngithe, "Bantu beMethodisti, niyakukholwa lokho na?"

Bebengathi, "Amen."

Futhi ngithi, "Baptisti, uyakukholwa na?"

"Amen."

61 "MaPentecostal, church of God, nokunye nokunye, niyakukholwa na?"

62 "Amen. Siyakukholwa." Futhi ngiyajabula niyakholwa. Ngiyakukholwa, nami.

63 Kodwa, manje, ukuba-ke besihambe sazungeza idolobha, ukuthola uJesu Kristu, hlobo luni loMuntu ebesingalufuna na? Manje, Wethembisa ukuba nathi kulobubusuku. Manje, uma lokho kungenjalo, khona-ke iZwi alinjalo.

64 Wena uthi, "Awu, Lelo nje aliphefumulelwe." Manje-ke, kimi, lonke eLalo aliphefumulelwe. Angazi ukuthi yiliphi eliphefumulelwe noma yiliphi elingaphefumulelwe, uma Lonke lingesilo iQiniso. Niyabo? Angeke ngalikhetha.

65 Lonke nje liyiZwi likaNkulunkulu. Futhi manje—manje, Wethembisa ukuthi Uyobakhona lapha kulobubusuku, "Lapho kuhlangene ababili noma abathathu." Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyabonga.

66 Manje, manje-ke, uma Enguye, hlobo luni loMuntu ebesingalufuna, uma siye koMfuna na? Ngabe besinga—ngabe besingazama ukuthola indoda ebigqoke ingubo ende futhi inezinwele ezinde nentshebe na? Bekuyoba yileyo, bekungaba yileyo, ibe nguJesu na? Noma ubani nje ubengagqoka i—ingubo ende futhi abe nezinwele ezinde nentshebe. Noma yimuphi umkhohlisi ubengakwenza lokho. Kunendoda amaningi egqoke ingubo ende kulobubusuku, engazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu belingazi ngesikhulu saseGibhithe. Kunjalo. Kodwa aku—kusikho lokho ebesingakufuna.

Sibuka, sifuna isikhulu esithize, ngoba Wayengesiso.

67 Besingafunani, izibazi zezipikili nemilobo yameva na? Noma yimuphi ozifanisa nomunye umuntu ubengazigqokisa kanjalo. Bekusayobe kulokhu kungesuYe.

68 Futhi sazi kanjani ukuthi Wayegqoke i—ingubo ende, nokuthi Wayegqoka kanjani na? Sazi kuphela ukuthi ku . . .

69 Ngabe Ubengafana nezithombe esizibonayo, a—abadwebi abazidwebayo na? Qhabo. Lowo ngumdwebo wesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo umuntu othize owaba nawo, umcabango wakhe wokuthi uKristu wayengabukeka enjani. Futhi ukuba besihambe ngalokho, yimuphi obengaba ngoqinisileyo na? Kukhona uHofmann, uSallman, nabanye abangaki, zonke izincazo ezehlukene ngaYe, ngakho ubuyothi ukudideka kancanyana ukuthi Ubeyobukeka enjani. Ngabe Ubeyobukeka efana nomdwebo kaHofmann waKhe, noma uSallman, noma eminye yonke yayo na? Asazi. Uma uHofmann eqinisile, khona-ke uSallman unephutha. Niyabo? USallman uqinisile, khona-ke uHofmann unephutha, futhi, niyabo, ubungeke wazi ukuthi ufuneni.

70 Kodwa besingaMkhomba kanjani na? Awu, besingaMkhomba ngendlela efanayo Azikhomba ngayo uqobo lwaKhe ekuqaleni, kunjalo, ngemisebenzi yaKhe, ngalokho Akwenzile. "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi," Wathi, "khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi, nakuba ningakholwa, kholwani imisebenzi, ngokuba yiyo efakaza ngaMi. Iyasho ukuthi Ngiyini." Besizodingeka sitholeke, lokho, okwaMenza wabonakaliswa. Okukhombe uJesu Kristu izolo, kuyoba yinto efanayo ebingaMkhomba namuhla.

71 Manje, thina maMethodisti besingacabanga ukuthi ibandla lethu liyaMkhomba. Besingacabanga lokho. Okwethu . . . Thina maBaptisti besingacabanga ukuthi ibandla lethu laMkhomba. Nathi maPentecostal . . . Niyabo? Ngiyikho konke okwawo. Niyabo? Lokho, besingakwenza. Sicabanga ukuthi elethu laMkhomba.

72 Kungikhumbuza, ngangiseLittle Rock, eArkansas. Kungahle kubekhona abanye babangani bami abakahle base Arkansas lapha. Ba . . . Ngobunye ubusuku, eRobinson Memorial Auditorium, kwakukhona o—ompofu owayehlezi emgwaqeni, owayenezinduku zokuqhugela, futhi wayethengisa amapensela. Futhi wayephilisiwe. Futhi ngosuku olulandelayo wayehambahamba, ngalezizinduku zokuqhugela zisehlombe lakhe, efakaza. Futhi wayephezulu kuvulande osesitezi sesithathu, futhi nje wayethatha lonke iphansi lendlu phezulu lapho. Futhi kwakul'khuni ukuba sishumayele ngenxa yomsindo. Futhi wayememeza futhi eqhubeka, wayekade ephansi-phezulu konke emigwaqeni, kuyoyonke indawo yebhizinisi, efakaza, ehlezi ekhoneni. Futhi wamenyezwa, ezethamelini, neNkosi uJesu yamsindisa.

73 Futhi ngakho wathi, "Ngifuna ukukubuza umbuzo, Mfowethu Branham."

Ngathi, "Uyini, mnumzane na?"

74 Wathi, "Uyazi . . . " WayengumNazaretha. Wathi, "Ngakuzwa ushumayela, futhi ngangicabanga ukuthi wawuyiNazaretha." Wayesethi, "Ngibone amaningi kakhulu amaPentecostal ngapha, kwase kuthi-ke omunye wangitshela ukuthi wawuyiPentecostal." Wayesethi, "Ngase-ke ngizwa omunye, wathi wawukhonza kwiMissionary Baptisti Church." Wathi, "Kuthiwani ngalokhu na?"

Ngathi, "Konke kuqinisile. NgiyiPentecostal Nazaretha Baptisti."

75 Ngakho, lokho, yilokho-ke—yilokho-ke. Niyabo? Sizalwa nguMoya kaNkulunkulu. Khona-ke, singabafowethu nodadewethu kuKristu, nalamagama awasho lutho.

76 Ngangivame ukwelusa izinkomo, naphezulu lapha, nalapho engangisebenza khona eplazini lezinkomo, na—nasenhla eColorado. NeHereford Association idlisa esigodini lapho

eMfuleni iTroublesome. Futhi sasinothango lokushushumbisa, nalapho abelusi bebeka khona izinkomo zabo phezulu. Umqaphi uma lapho, ebala lezozinkomo lapho zedlula. Ngangimile lapho, isikhathi esiningi, nomlenze wami uphezu kophondo lwesihlalo sehashi, ngibukela abaqaphi. Manje, kukhona zonke izinhlobo zezimpawu olwedlula lapho. Lonke uphawu esigodini luyedlula. Umqaphi wayengazinaki izimpawu, kodwa wayebhekisisa isilengiso esiyicici legazi. Manje, lesosilengiso esiyicici legazi sasichaza ukuthi leyo kwakufanele kube yiHereford yohlobo kungenjalo yayingenakudla kulelo kulesosigodi. Yayingenakungena ngaphandle kwesilengiso esiyicici legazi.

77 Ngacabanga, ngolun'yusuku, ngihlezi lapho. Ngamemeza. Ngathi, "Uyazi, yileyondlela okuyoba yiyo ekwaHlulelweni. Akazukunaka ukuthi phawu luni abanalo, kodwa ukuthi ngabe sinaso yini isilengiso esiyicici leGazi. Yileyo into." Uma—uma Ebona iGazi, singangena. Yilokho kuphela. Niyabo? Nezimpawu zethu ziyokhohlwakala kudala, ngalesosikhathi. Kunjalo. Futhi ngijabula kakhulu ngalokho. Kuqinisile. Manje, ini . . .

78 Manje, uma singabona ukuthi Uzikhomba kanjani Yena uqobo izolo, khona-ke sizokwazi ukuthi Ubezoba yini namuhla, ngoba Ubezozikhomba Yena uqobo efana namuhla kulokho Ayeyikho izolo. Kuqinisile lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Khona-ke Angenza imisebenzi kaNkulunkulu. Manje, Ubengegqoke . . .

79 Ubengeke abanemfundo ethize. Asinakho okuqoshwe phansi ngaYe eya esikoleni. Futhi Ubengeke abe yisikhulumi esiyingcweti yokukhuluma, ngoba sithola ukuthi ulwimi lwaKhe lwaluphansi kakhulu—kakhulu, kwaze kwathi, "Abantukazana baMuzwa ngokujabula." Niyabo? Ngakho Ubeyoba yiNdoda nje.

80 Kodwa obekungaMkhomba bekungaba yinkomba ukuthi umBhalo uthi Uyoba nguye. Futhi besiyodingeka siMkhombe kanjalo. Futhi yileyondlela Akhonjwa ngayo ngaleyonkathi, ngoba Wayengesiyo iNdoda emangalisayo ngokuhloba okuthize kwengubo. Wayengenanhlangano Ayeqhosha ngayo. Wayengena—nazincwadi ezimchazayo ezivela kunoma yiyiphi inhlanganyelo ethize, ukuba Athi, "Ngikwenkulu kunazo zonke." Noma . . . Niyabo? Wayenemisebenzi kaNkulunkulu kuphela, owafakazelwa futhi kwakhulunywa ngayo, okwakuyoMkhomba. Nalokho kwakuyizincwadi zaKhe ezimchazayo. Leyo kwakungeyaKhe.

81 "Ubani ongaNgilahla ngesono na?" Nesono ngukungakholwa. Niyabo? "Ngumuphi kini ongaNgilahla na? Uma Ngingenzanga nje khona impela eNgangifanele ngikwenze, manje-ke Ngitsheleni lapho Ngihluleke khona," ngamany'amazwi. Niyabo? Manje, yileyondlela okuzoba ngayo namhlanje ekhonjwayo.

82 Manje ake sithole, khona-ke, ukuthi Wakhonjwa kanjani ngalolosuku. Ngabe kwakungenhlanganyelo ethize na? Ngabe kwakungesimo esithize semfundo na? Ngabe kwakungophawu oluthize lwesayense Ayenalo na? Noma ngabe kwakungobufakazi obubonakalayo bangokomBhalo, ukuthi Wazifakazela Yena uqobo, ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu na? "Hlolani imiBhalo," Wathi, "ngokuba YiBo abafakaza ngaMi."

83 ImiBhalo yilokho okufakaza ngaYe. Ngakho yilokho okwaMkhombayo, kwakungumBhalo. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yilokho okuzodingeka kuMkhombe namuhla, khona-ke, khona-ke sizokwazi noma ngabe besiqinisile noma qha, noma ngabe kwakunguYe. Wayefana, Uzokwenza okufanayo. Manje, asithathe manje . . .

84 Sifunda kuJohane oNgcwele, futhi asikuthathe ngokuthula nje imizuzu eyishumi elandaleyo noma eyishumi nanhlanu, bese-ke sibona uma Ezobonakala futhi afakazise ukuthi UnguNkulunkulu, niyabo, sibone uma Esaphila. Siyakholwa ukuthi Akafile. Yileyonto eyodwa . . .

85 Ngiyisithunywa senkolo. Sengishumayele cishe impela kuzo zonke izizwe eziphansi kwamazulu, kasikhombisa ngizungeza. Futhi ngibone zonke izinhlobo zezinkolo, ngama phambi kwezinyanga-bathakathi nazo zonke izinkoloze, ngiqagele, ezikhona, ngokwazi kwami. Futhi nokho, zonke, uBuda, uMohamede, amaSikh, amaJain, noma kungaba yini, bonke banomqambi, nawo wonke umqambi ufile. Bangalimaka ithuna lakhe, futhi nango elele. Nanko amathambo akhe.

86 Kodwa, ubuKristu, kukhona ithuna elingenalutho. Uyaphila. Nento enhle ngakho, si—si . . . Uyafakazisa ukuthi Uyaphila. Yena, Ulapha manje. Niyabo? Manje, yileyonto umKristu angaphumula phezu kwayo, esaziyo ukuthi onke amanye amathuna agcwele. Kodwa leli, kunethuna elingenalutho. "Akekho lapha, kodwa Uvukile. Futhi sizotshela abazalwane lezizindaba ezintsha." Futhi Ulapha, nguyena izolo, namuhla, naphakade.

87 Manje sizoqalisa ngoJohane oNgcwele, ngenxa yokuthi sifunda kuJohane oNgcwele. Futhi yonke incwadi eBhayibhelini izomemezela uMlayezo ofanayo. Izofanele. Uma ingenjalo, ayikho ngokomBhalo.

88 Manje siyathola, ukuthi, ngenkathi Ezalwa. Lapha esahlukweni 1 sikaJohane oNgcwele, sizoqala esahlukweni 1. Ngenkathi Ezalwa, siyakwazi ukuzalwa kwaKhe; nokuthi iNgelosi uGabriyeli yakumemezela kanjani; noMariya umama waKhe; nokuthi Wakhulelwa kanjani ngoMoya oNgcwele. Nokuthi kanjani, eneminyaka engamashumi amathathu ubudala, Wabhaphathizwa ngumzala waKhe, uJohane; noma umzala wesibili, uJohane umBhaphathizi. Futhi masinyane

Wayiswa ehlane ukuyolingwa, izinsuku ezingamashumi amane, wayese-ke ebuya ngamandla kaMoya. Ngamandla kaMoya oNgcwele, Wabuyela enkonzweni yaKhe.

89 Futhi khumbulani, Wenqabela abafundi ukuba babe besashumayela, noma benze noma yini, baze bahambe ngamandla kaMoya. Niyabo? "Lindani emzini waseJerusalema nize nembathiswe amandla avela Phezulu." Niyabo? "Anizukuphuma kuze kungabi yinina, kodwa uNkulunkulu, abantu bangabona ukuboniswa kukaJesu Kristu kini. Khona-ke abantu bazokholwa, ke, ngoba akuyikuba yini, kuzoba nguYe." "Nabo bonke labo Ayebazi ngaphambili, Uyobabiza." Bazokubona. "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi." Manje, siyakuqaphela lokho, khona-ke, masinyane ngenkathi Engena enkonzweni yaKhe.

Ngizobiza abalingiswa abambalwa.

90 Ngifuna nikhumbule into eyodwa. Kunezizwe ezintathu kuphela zabantu emhlabeni. O, sinobuzwe obuningi, kodwa zintathu kuphela, nalokho kusukela kuHamu, uShemu, nabantu bakaJafete. Lelo kwakuliJuda, oweZizwe, nomSamariya. Siyathola, ngenkathi uMoya oNgcwele unikezwa, uPetru wanikwa izihluthulelo, waWuvula ku—kumaJuda ePhentekoste, eJerusalema; kumaSamariya; kanti futhi nakwabeZizwe endlini kaKorneliyu, iZenzo 10:49. Futhi kusukela ngaleyonkathi kube sezweni kuzo zonke izizwe. Futhi wayenezihluthulelo, ukuwuvulela lezizizwe.

91 Manje, abeZizwe babengabheke Mesiya. Sasingabahedeni, thina ma Anglo-Saxon. Sasinezagila emihlane yethu futhi sikhonza izithombe. Futhi sasingabheke Mesiya. Kodwa amaJuda ayebheke uMesiya. NamaSamariya, ayebheke uMesiya, ayeyiJuda noweZizwe uhhafu.

92 Manje, siyazi ukuthi Ufikela kuphela ukuzikhomba Yena uqobo kulabo abaMbhekile. Futhi yingaleyondlela okuyoba ngayo ekuFikeni kwaKhe kwesibili. Izwe aliyukwazi lutho ngaYe. Uyofika nje, athathe iBandla laKhe abe usehambile, nalabo abangaMbhekile bayoshiywa. Uza kuphela kulabo abaMbhekile.

93 Manje, Weza esizweni sakhe uqobo, kumaJuda. Manje ake sibhekisise ukuthi Wazikhomba kanjani Yena uqobo. Into yokuqala esiyitholayo, kwakunguAndreya lapha, noFiliphu. NoAndreya wayezwile ngoJesu. Futhi behla, ngoba babekade bengabafundi bakaJohane. Futhi lapho behamba manje... Futhi babefumene imisebenzi yaKhe emikhulu, futhi baya ekhaya naYe. Babuya ngokusa okulandelayo, beneliseke ngokugcwele ukuthi lowo kwakunguMesiya.

94 Manje sithola ukuthi uAndreya uyahamba futhi ufumana umfowabo, uSimoni, okwathi kamuva wabizwa ngoPetru. Manje, uma nizotadisha umlando kaSimoni Petru, yena

noAndreya, babevela ekhaya elikholwayo impela, abaFarisi. Uyise wayengelikhulu, ikholwa lokuqina. Futhi wayetshele indodana yakhe, "Manje, madodana, kuyofika u . . . Sonke besibheke kusukela phansi emnyakeni uMesiya ozayo, selokhu kwaba yiso impela isithembiso ensimini yase Edene. Kodwa manje, Engakafiki, kuzoba nokuncanyana impela ukudideka, ngoba uSathane uzontshinga konke okumbumbulu angakuntshinga, niyabo, ukuvimba Into yangempela."

95 Ukwenza njalo lokho. Ukwenza njalo lokho. Kodwa, khumbulani, lapho enibona khona idola-mbumbulu, kuzofanele kube nedola langempela ndawondawo elenziwa kulo. Uma nibona umuntu edlala ingxenye yomzenzisi, khumbulani nje, kunento yangoqobo ndawondawo, azifanisa nayo.

96 "Ngakho, akungabazeki ukuthi lokho bekungenzeka. Kodwa," wathi, "manje, madodana, nakhu enikukhumbulayo. Sifanele sikholwe umlayezo weBhayibheli. NoMose, inceku yethu, inceku kaNkulunkulu owasinika imiyalelo yethu nemithetho yethu, wathi iNkosi uNkulunkulu wethu iyovusa umprofethi phakathi kwethu, onjengaye. Futhi manje, nxa uMesiya efika, iBhayibheli lithi Uyoba ngumprofethi. Futhi niyazi ukuthi si—siyatshelwa ukuthi semukela umprofethi kuphela emva kokuba ekhonjwe nguNkulunkulu ukuba ngumprofethi."

97 Futhi nonke bafundi beBhayibheli niyazi ukuthi iZwi leNkosi leza kubaprofethi, lowo kuphela. "IZwi leza kubaprofethi kuphela." Nendlela kuphela lomuntu oyokhonjwa ngayo . . . Base bekade beneminyaka engamakhulu amane. UMalaki wayekade engumprofethi wokugcina.

98 Futhi manje wathi, "LoMesiya, nxa Efika . . . Kungaba noMesiya bamanga abavukayo. Kungaba nazo zonke izinhlobo zezinto ezenzekayo. Kodwa nxa Efika, uNkulunkulu uyoMkhomba. Uyoba ngumprofethi. IBhayibheli lithi Uyoba ngumprofethi. NeBhayibheli lathi, 'Uma ekhona phakathi kwenu ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi Ngiyakuzazisa kuye, ngikhulume kuye ngemibono, nokunye nokunye. Futhi uma akushoyo kufezeka, khona-ke mzweni. Kodwa uma kungafezeki, khona-ke ningamuzwa.'"

99 Lokho nje kuqotho nje njenge . . . Lokho kusile. Uma akushoyo kuqinisile, kuzofanele kuqinise ngaso sonke isikhathi. Ungeke nje wakuqagela. Kuzofanele kube ngokuqinisile. Uma kuqinisile, kuzofanele kube nguNkulunkulu. Futhi uma kungaqinisile, khona-ke akusuye uNkulunkulu. Ngakho nje lokho ku . . . Futhi ngakho babazi ukuba bakukholwe lokho. Onke amaJuda ayekwazi lokho, amaJuda angeqiniso.

100 Kodwa, ngalolosuku, ibandla lase lithole into enjengoba linjalo namhlanje, uhlobo oluthambile, noluchezukele ezivumwenikholo, futhi lachezukela ezingeni nokuxakeka

kwe...nokugeza amabhodwe. Nanjengoba uJesu athi, "Nithathe amasiko enu nase niyenza ize Imiyalelo kaNkulunkulu kini." Ngesiko labo, yilokho ababekwenzile, inqwaba njenganamhlanje, ukuphindaphinda kwesikhathi.

101 Manje qaphelani lokhu. Manje, ngenkathi uAndreya esenelisekile ukuthi lowo kwakunguMesiya, iBhayibheli alibhali nje phansi ukuthi wenzani. Kodwa wahamba futhi walanda uPetru, noma igama lakhe wayesenguSimoni ngaleyonkathi. Wayesethi, "Simoni, ngifuna uze futhi uzwe leNdoda. Umprofethi ezansi eJordani wathi leNdoda iyofika. Nomprofethi washo ukuthi wabona uMoya kaNkulunkulu, unjengejuba, wehlela kuYo. Futhi wazi ukuthi lena kwakuyiNdodana kaNkulunkulu. Ngifuna uze uYilalele. KunokuKhanya, isibonakaliso, esiYilandelayo."

102 Ngakho sengathi ngiyambona uSimoni wayemanqikanqika kancane ngokuza. Kodwa, ekugcineni, ngenkathi enyukela eBukhoneni bukaJesu...Manje, kucabangeni manje, sizothola izincwadi ezichazayo, inkomba, Ayeyikho. Futhi ngenkathi... Ngisalokhu ngikuJohane oNgcwele, isahluko 1. Futhi ngenkathi uJesu ebona uSimoni eza kuYe, Wathi, "Bheka umIsrayeli." Wakhuluma, futhi wamazi. Wathi, "Igama lakho unguSimoni. Uyindodana kaJonase."

103 Lokho kwakhipha isitashi kuye. Wazi kanjani ukuthi igama lakhe wayenguSimoni na? Futhi Wamazi kanjani lowobaba omdala omesabayo uNkulunkulu phambi kwakhe, owayemfundise indlela na? Wazi ukuthi lowo ufanele ukuba nguMesiya. Kwakungumprofethi. Futhi masinyane wawela ezinyaweni zaKhe. Ngaphandle kwemfundo, ngaphandle kwanoma yisiphi—yisiphi isehlakalo emva kwayo, futhi wayezahlukanisele kakhulu, uJesu Kristu waze wamnika izihluthulelo kuwo uMbuso, futhi wamenza inhloko yebandla eJerusalema. Ngokuba kwathi nje kungathi lokho...UJesu wazikhomba Yena uqobo ngokuba athi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase," owayenguyise. Lokho kwenza uJesu ngokuphelele abe yilowomprofethi. UPetru wakukholwa.

104 Manje, sithola ukuthi kwakukhona oyedwa owayemi lapho, ogama linguNatanayeli noma...uFiliphu, ngikholwa ukuthi kwakunguye. UFiliphu wayemi eceleni, futhi wakubona lokhu. Ngakho, wayengumIsrayeli wokuqina, futhi wayazi lapho okwakukhona khona umfowabo ababetadishe naye ndawonye. Manje, uma uke waba seJerusalema futhi wabona lapho uJesu ayeshumayela khona, nokuthi uFiliphu wayefanele ayekude kanjani, wuhambo losuku ukuzungeza izintaba, ukuya lapho umngane wakhe uNatanayeli wayekhona, owayeyisitshudeni seBhayibheli. Ngakho uyasuka, masinyane, emva kokuba esekufumene okwakuyiQiniso. Wayekubonile kusebenza. Weneliseka, lowo kwakunguMesiya.

105 O, ukuba kuphela besingaba naleyontshisekelo, ukuba kuphela besingathola leyonto ethize efanayo phakathi kwethu, uma sazi ukuthi sifumene leloParele.

106 Wasuka wazungeza intaba. Akungabazeki wafumana uNatanayeli. Uza ekhaya lakhe, futhi—futhi mhlawumbe wangqongqotha emnyango. Nomkakhe wathi, "U—Uphandle esivinini." Mhlawumbe wayetshale iminqumo. Futhi waphumela esivinini. Futhi engumnumzane ohloniphekile ongumKristu, akamkhathazanga esakhuleka.

107 Wayeguqe ngamadolo, ekhuleka. Mhlawumbe wayekhuleka kanje, "Nkosi Nkulunkulu, Jehova, sengiyaguga. Futhi bengibheke futhi ngilangazelele ukubona uMesiya. MangiMbone ngingakahambi."

108 Futhi wathi nje angathi, "Amen," futhi wasukuma, khona-ke kwama uNatanayeli. Manje, qaphelani, kungesiyo inqwaba eningi yokuqhubeka. Wayeno—wayenokuthunywa.

109 Into yakho ingukuthi, namhlanje, sinokuningi kakhulu ukwedlula nokwenza ezinye izinto. Futhi asingene emgomeni. Ngabe UnguNkulunkulu noma Akasuye uNkulunkulu na? Ngabe Nguyena izolo, namuhla, naphakade, noma Akafani na? Ngabe U—ngabe Usalokhu enguJesu na? Ngabe Uvukile kwabafileyo na? Ngabe Uvukile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uma Engavukile, khona-ke kukhohlweni. Uma Evukile, asiqalise intshisekelo yethu. Asigcwaliswe ngoMoya waKhe, sithole ukukhuleka futhi siqale umhlangano. Yenzani okuthize.

110 Qaphelani, waqonda ngqo ephuzwini, "Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene: uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa."

111 Manje, sengathi ngiyayibona yona impela lendoda yebandla lomthetho ithuntutha ingubo yayo—yayo, ngokuguqa ngamadolo othulini. Yathi, "Linda umzuzu lapha, Filiphu. Ngikwaze uyindoda enomqondo, kodwa mhlawumbe uchezukele ekuvumeleni amadlingozi, uyazi. Manje, lapha, sitadisha umBhalo ndawonye. Futhi siyazi ukuthi . . . Ubungathini, 'uJesu waseNazaretha'? Manje, uqonde ukungitshela ukuthi uNkulunkulu uSomandla ubengaya esigejaneni esiyihlazo kangaka njengaleso ezansi lapho eNazaretha," esibi kude le kuneTucson, "futhi wehlele lapho, futhi," noma iJeffersonville, lapho engivela khona, "ezansi le lapho kulelodolobha elidelelekile, bese ucosha into ethize ezansi lapho na? Ngani, uyazi umpristi omkhulu ukholwa ukuthi Uyokwehlisa imihubhe ivela eZulwini, yehlele ngqo egcekeni, uyazi. Futhi sifundiswe lokho."

112 Kodwa, niyazi, Akafiki njalo ngendlela esicabanga ukuthi Ufika ngayo. Niyabo? Ufika ngokuthobeka kakhulu. Abantu ukulungise konke ngendlela abaMfuna afike ngayo. Futhi si—sihamba phezu kokuzehlisa, futhi yilapho othola khona

uNkulunkulu. Ososayense namhlanje bangathumela umuntu emkhathini, emkhondweni, futhi bahambe phezu kwedlebe lotshani angazi lutho ngalo. O, ufanele uzithobe, ukuze wazi uNkulunkulu. Ufanele uyeke imibono yakho uqobo, futhi nje uvule inhliziyo yakho nokuphila kuYe, khona-ke Uzozenza Aziwe.

113 Awu, sengiyamuzwa ethi, "Kukhona okuhle okungavela eNazaretha na?"

114 "Kukhona okungavela kulabobagingqiki abangcwele, noma ngabe ufuna ukukubiza ngokuthini? Uma kukhona noma yini ezokwenziwa, ibingenziwa ehlelweni lami, kwelami. Niyabo? Yilapho ebingafika khona. Niyabo? Kukhona okuhle okungavela esigejaneni esinjengaleso na?"

115 Manje, ngicabanga ukuthi uFiliphu umnikeza impendulo edlula zonke noma yimuphi umuntu abengayinikeza. Wathi, "Woza, ubone."

116 Ungahlali ekhaya futhi ukugxeke. Woza uzitholele wena uqobo. Uyabo? Uyabo? Woza futhi ubone. Woza neBhayibheli lakho bese ukuhlola, ubone ukuthi kuqinisile yini. Yilokho wonke umuntu afanele akwenze. Niyabo? "Woza, ubone."

117 Ake sibhobokele engxoxweni yabo lapho behamba ngasezingwini zeGalile, beza neno. Sengathi ngiyabona, ngimuzwa esho lokhu, "Uyamkhumbula lowo omdala . . . Uyazi, si—sixoxe ngeBhayibheli sindawonye. Sihlale ndawonye ezindaweni zasezulwini, lapho sibuka eBhayibhelini futhi siyakwazi lokho, ngoluny'usuku. Manje, Natanayeli, ngifuna ukukubuza okuthize. Uyoba yini uMesiya nxa Efika na? Siyokwazi kanjani ukuthi UnguMesiya na?"

118 Ngani, uNatanayeli, eyisitshudeni esihle seBhayibheli, wathi, "Ngani, Uyoba ngumprofethi. Impela, iBhayibheli lathi Uyoba ngumprofethi. Kulungile, khona-ke siyoMazi."

119 "Uyamazi lowomdobi omdala ongazi lutho ezansi lapho, owathenga leyonhlanzi kuye ngalolosuku, futhi wayengenayo imfundo eyenele ukusayina irisidi na?"

"Ya, ngiyamkhumbula. USimoni, ya, indodana kaJonase."

120 "Ngenkathi umfowabo ehamba futhi wamlanda futhi wamenyusela lapho Ayekhona, Wama futhi wambuka ngqo ebusweni wayesethi, 'Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona.' Uyazi, kungengimangaze, Natanayeli, kodwa Abengakusho, 'Igama lakho unguNatanayeli,' uma ufika lapho. Uyabo?"

121 "A, ngifanele ngibone. Uyazi, ukubona ngukukholwa," ngisho naseMissouri. Ngakho sifike sithole, ukuthi lapho baqhubeka emgwaqeni.

122 Futhi wathi nje uNatanayeli angafika eBukhoneni bukaJesu Kristu, wenzani na? Kwenzekani ngenkathi esefika lapho

okwakukhona uJesu na? Wathi, "Bheka umIsrayeli okungekho-nkohliso kuye."

123 Awu, lokho ngempela kwayibohlisa indoda. Yayisithi, "Rabi," okungukuthi *mfundisi*, "Uze wangazi nini na? Angikaze ngiKubone empilweni yami. Ngakhe amamayela ayishumi nanhlanu ngale kwentaba lapha, futhi angikaze ngizwe ngisho nangaWe kuze kwaba yizolo ntambama. Futhi nakhu ngiza ngapha futhi U—futhi Ungitshela ukuthi ngingumIsrayeli."

124 Awu, wena uthi kwakungenxa yendlela ayegqoke ngayo. O, qhabo. Bonke abaseMpumalanga babegqoka kanjalo, futhi beshiya intshebe. "UngumIsrayeli okungekho-nkohliso kuye." Manje nithini ngalokho na?

Wathi, "Rabi, Uke waze wangibona nini na?"

125 Wathi, "Izolo, uphansi komuthi, ungakabizwa nguFiliphu, Ngakubona." UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Niyabo?

126 Wathini na? Umpristi wakhe angahle ukuba wayekade emi lapho. Ngahle ukuba kwakukade kukhona inqwaba yabagxeki bemi lapho, okungukuthi babekhona. Kodwa wagijima wenyukela kuYe, wayesethi, "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu. UyiNkosi kaIsrayeli." Igama lakhe alicimeki kulobubusuku. Lilotshwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu.

127 Kwakukhona labo ababemi eduzane, kusobala, abangakukholwanga lokho. Impela. Bathi, "Lomuntu ungumbhuli. UnguBelzabule." NoJesu waphenduka. Ngani? Babefanele baphendule inhlangano yabo yebandla ngento ethize. Imisebenzi yayenziwe. Wa—wa—wawulapho. Ngakho wathi, "Lomuntu unguBelzabule, umbhuli, ofunda ingqondo, noma into ethize."

128 UJesu wathi kubo, "Nikhuluma lokho nimelane neNdodana yomuntu, niyothethelelwa khona. Kodwa ngoluny'usuku uMoya oNgcwele uyeza, futhi uma nikhuluma . . . ukwenza into efanayo. Futhi uma nikhuluma izwi elimelene naLowo, anisoze nathethelelwa lona, kulelizwe noma ezweni elizayo." Akuthethelelwa neze. Manje, leso kwakuyisizukulwane esikuso manje.

129 Manje sinesizukulwane sokuqala sikhonjwa. Singadonsa esinye futhi, kodwa asihambe manje, ngoba sizodingeka siqale umugqa womkhuleko. KwakunamaJuda, ibandla lomthetho ngempela. UmKristu ngempela, amakholwa abizwe nguNkulunkulu ayakuqonda lokho khona manje.

130 Manje-ke ngoluny'usuku Wayehlela eJeriko, kodwa Wayeswelekile ukuba ahambe ngaseSamariya. Niyamangala ukuthi kungani na? Babebheke uMesiya, kodwa thina beZizwe sasingambhekile.

131 Kodwa manje sibheke uMesiya. Niyabo? Niyabo, sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili, njengoba babeneminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Niyabo? Kodwa sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili, siMbhekile. Sizwile ngaYe, kodwa manje siMbheke ukuba afike okwesibili.

132 Futhi manje siyaqaphela ukuthi Wayeswelekile ukwenyukela eSamariya. Lelo liphezulu entabeni. Futhi ngenkathi Enyukela eSamariya. Kufanele ukuthi kwakukade kulapha emini, ngakho Wathuma abafundi baKhe emzini ukuyothenga ukudla komphako. Emzini kwaphuma kuwo owesifazane omncane.

133 Manje, uma nifuna, ukuba benginesikhathi, bengingakuhlaziya lokho futhi nginitshele ukuthi wafikelani ngalesosikhathi sosuku. Bonke abesifazane abaziphethe kahle kuzofanele bahlangane. Abaziphethe kabi nabaziphethe kahle abahlangani ndawonye. Bangebanjwe emphakathini, isikhathi esifanayo, ngisho nakulolusuku. Manje, wayephawuliwe, owesifazane onegama elibi. Niyazi ukuthi ngikhuluma ngani; isifebe.

134 Manje, sithola ukuthi wenyukela lapho cishe ngeleshumi nanye nqo emini ukuthola, ukukha amanzi. Futhi ake sicabange, wayengowesifazane okhangayo ngempela. Futhi wayenevasi yakhe yamanzi ehlombe lakhe. Futhi kuthi ukuqubuka . . .

135 Ngibabonile bethwala imbiza yabo eyodwa ekhanda labo, neyodwa enqulwini ngayinye, futhi bahambe, baxoxe njengoba kungenza abesifazane, futhi kungachitheki ngisho neconsi lawo. Futhi, bona, ukubhalansa okunje pho! Angazi ukuthi bakwenza kanjani. Kodwa, lapha, behambisana, futhi wayenalokhu, inezibambo ezimbili kuyo. Bese-ke beya emthonjeni. Kunesigwedlo, futhi uyayehlisa bese ukha amanzi, bese-ke ubuye uwadonse uwenyuse.

136 Nalona kwakungumthombo kaJakobe, lapho uJesu . . . Ngaphandle nje komuzi. Kwakungumthombo womphakathi. Nalapho uJakobe ayembe khona umthombo futhi waphuzisa izilwane zakhe lapho, futhi ngakho wayephuze kuwo, qobo lwakhe.

137 Futhi ngakho sithola lona wesifazane enyuka ukuzokha amanzi akhe, futhi waqala ukwehlisa imbiza. Ake sicabange ukuthi wayecabanga ngobusuku ngaphambili. Futhi wadedela, waqala ukwehlisa isigwedlo, lapho ehhuka amahhuku phezu kwe—kwezingalo zevasi, ukuyehlisa ukukha amanzi.

138 Futhi wezwa iNdoda ithi, "Ngiphuzise." Nom—mthombo lapho, uma wake waba lapho, kuyizwe lonke elincane elibonakalayo sikhathi sinye, into enjengalena lapha kulobubusuku. Futhi kunemivini omila phezu kodonga. Futhi ngakho leliJuda lalihlezi ngale leyeme odongeni.

139 Futhi wabuka laphaya wayesebona leliJuda lihlezi lapho leyeme odongeni. Wayesethi, "Akusilo isiko kini maJuda ukucela umSamariya noma yini. Asidlelani omunye nomunye." Ngamany'amazwi, kwakunokwehlukana. "Futhi asinakudlelana, omunye nomunye. Futhi Wena uyiNdoda, futhi ucela mina, owesifazane ongumSamariya, ukuba ngiKuphuzise."

140 Futhi WayeyiJuda elejwayelekile. Wayengagqokile ngokwehlukile. WayenguMuntu. Ngicabanga ukuthi basho, kuJohane oNgcwele 6, Wayethi akabe neminyaka engamashumi amathathu-nambili kuphela ubudala. Kodwa Wayebukeka, wayethi akabe namashumi amahlanu, ngoba bathi, "UnguMuntu ongakevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, futhi nokho Uthi U 'bone uAbrahama.'"

Wathi, "Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA."

141 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] " . . . ungakwenzi, ungezi lapho ukuzokukha." "Ngani," wathi, "umthombo ujulile, futhi Uzokwenza ngani na? Ungakha kanjani na?"

142 Wathi, "Amanzi eNgiwanikezayo angamanzi emphefumulweni." Nengxoxo yaqhubeka. Manje, nizofanele nithathe izwi lami ngalokhu, Wayexhumana nomoya wakhe. Niyabo?

143 Manje, wayengowesifazane, owesifazane oyedwa ephuma eSamariya. Wayesethi, "Obaba bethu baphuza kulomthombo, futhi—futhi Wena uthi Unamanzi amakhulu kanalawa na?" Wayesethi, "Futhi Wena uthi, 'Kukhulekwe eJerusalema,' nobaba bethu bakhuleka kulentaba," nokunye nokunye.

144 Ingxoxo yayilokhu iqhubeka. Emva kwesikhashana, ngenkathi, Wathola ukuthi nje inkathazo yakhe yayiyini. Bangaki owaziyo ukuthi inkathazo yakhe yayiyini na? Impela. Wathola lapho inkathazo yakhe yayikhona. Wathi, "Hamba ulande indoda yakho futhi uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

145 Manje, khumbulani, Wenzani na? Ezikhomba Yena uqobo kumaSamariya manje. Ukwenze kanjalo-ke kuma—maJuda. Manje, bhekisisani ukuthi lomSamariya uzothini.

Wathi, "Hamba ulande indoda yakho futhi uze lapha."

"Ngani," wathi, "Anginandoda."

146 Wathi, "Ukhulume iqiniso, uthi a 'wunandoda,' ngenxa yokuthi ube nayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho. Futhi usho iqiniso."

147 Manje bhekisisani lowo wesifazane, lowo wesifazane ongumSamariya, ukuphendula kwakhe kulokho. Wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunohhafu wabantu baseUnited

States, niyabo, impela, niyabo, kubalwa kanye nabefundisi, ngesinye isikhathi. Ya. Niyabo?

148 Bukani labobapristi bemi lapho. Ngenkathi bebone lokho kwenziwa, bathi, "LoMuntu ungumbhuli. UnguBelzabule," bezama ukulinganisa eny'indlela Ayenzayo, icebo lokuphamba elithize, ihlaya elithize ngokukhohlisa. Niyabo?

149 Kodwa lona wesifazane omncane wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena." Bhekisisani. "Siyazi, siyazi ukuthi kunoMesiya ozayo, othiwa nguKristu. Futhi nxa Efika, yilokhu Ayokwenza." Amen.

Wathi, "NginguYe, okhuluma kuwe."

150 Lokho kwakwenele. Wazi ukuthi lowo kwakunguye. Bhekisisani ukuthi wenzani. Waphuthuma emzini, futhi watshela amadoda omuzi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Lolu kungebe silo yini uphawu lwakhe impela uMesiya na? Kunini lapho esake saba nakho selokhu kwaba yisikhathi na? Nangu uMesiya wangempela."

151 Wazibandakanya kanjalo-ke yena uqobo namaJuda. Wazibandakanya kanjalo-ke namaSamariya. Manje, lokho kwakungukuphela kwesikhathi sawo.

152 Manje, abeZizwe ubeneminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokufundisa, njengoba babenezinkulungwane zeminyaka yokufundisa. Kodwa uma abeZizwe bengatholi into efanayo abanayo, khona-ke Ubheka ubuso bomuntu. Ngakho besingaMazi kanjani namhlanje na? Ngenkathi Ema nathi, futhi ekithi, futhi wasebenza ngathi, futhi wafakazisa ukuthi loMoya, esiwubiza ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, nguJesu Kristu ekuzenzeni umuntu qobo lwaKhe esimweni sikaMoya esidalweni esingumuntu, enza into efanayo. Wathi kuJohane oNgcwele, isahluko se 14, ivesi le 12, "Okholwayo," hhayi ozenzisayo. Kodwa, "Okholwa kiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Lokho akuqinisile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

153 Wathi, kuJohane oNgcwele 5:19. Wedlula echibini laseBethesda. Ngisalokhu. . . Leso yisahluko se 4 sikaJohane oNgcwele. Manje sengisesahlukweni se 5. Esahlukweni se 5 sikaJohane oNgcwele, Wedlula echibini laseBethesda. Lapho kwakulele izixuku ezinkulu. Kuthatha izinkulungwane ezimbili ukwenza isixuku esisodwa. Ngakho kunezixuku zabantu kulesisibhedlela esikhulu sokomoya, sengathi kwakuyiso, zilele esangweni lezimvu zilindele ukunyakaza kwamanzi.

154 UNkulunkulu njalo ubenendlela yokuphilisa ngokukaNkulunkulu kwamakholwa. Niyabo? NeNgelosi yehla futhi yazamazamisa amanzi. Noma yimuphi kini uyazi ukuthi yini amanzi azanyazanyisiwe, niyabo, ngumsinga uya nganhlanye, nomoya uphehla ujikela komunye. Ngamanzi azanyazanyiswayo. Futhi kwakuyileyoNgelosi iza emanzini,

ihamb'iwayaluzisa. Nesinyathelo sokuqala esisodwa phakathi, ngokukholwa, sasisusa amandla ephuma emanzini, futhi baphiliswe.

155 UJesu wedlula leliqembu labantu lapho, futhi Wayazi lapho indoda ethize yayilele khona, eyayinobuthakathaka iminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili. Mhlawumpe yayinenkathazo yendlala engasesinyeni noma—noma into ethize. Yayingezukumbulala. Yayilibazisa. Yayinayo, iminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili. Futhi Waya kuyo, wayesethi, "Uyathanda ukusinda na?"

156 Akakushongo ngani ezishosheni, abaxhugayo, izimpumputhe, noma abahluphekile na? Babephakathi lapho nezingane ezazinamakhanda anamanzi. IBhayibheli lathi, "Babeyizishosha, izimpumputhe, abaxhugayo."

157 Lendoda yayikwazi ukuhamba. Yathi, "Uma ngehla, omunye uhamba phambi kwami." Kodwa, khumbulani, Wayazi ukuthi lendoda yayikade ilapho. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

158 Wayesethi, "Thabatha uhlaka lwakho uhambe uye endlini yakho." Akukho-mbuzo ngalokho. Waqhubeka, ngokuba Wayazi ukuthi yayizokwenza.

159 Bayithola ithwele uhlaka lwayo, ngosuku lweSabatha. Yabizelwa phakathi. Bekungaba yinto efanayo kulobubusuku.

160 [Umfowethu uyamemeza, "Mfowethu Branham, ngifuna uMoya oNgcwele."—Umhl.] Uma—uma—uma indoda kulobubusuku . . . UNkulunkulu akubusise, mfowethu, ukuba uMemukele.

161 Uma indoda kulobubusuku ibiphilisiwe, futhi yakwazi ukukufakazisa, ukuthi iphilisiwe, yazi phakathi kwayo uqobo ukuthi iphilisiwe, inenkathazo yendlala engasesinyeni, nicabanga ukuthi bekungenzekani kusasa na? Umuntu othize ubengabe ethi, "Ngiyamazi umuntu othize uhlala ekhoneni. Ngiyazi lapho kunomuntu okhubazekile. Ngiyazi lapho kuna*lokhu*, noma *lokho* okukhona. Hamba ubaphilise." Niyabo, lowo udeveli ofanayo.

162 UJesu wabuzwa. Lalelani ukuthi Wathini kuJohane oNgcwele 5:19. "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini." Nokuthi *qinisile* kuchaza ukuthi, "Ngokoqobo, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza. Lokho neNdodana iyakwenza kanjalo." Niyabo? Akazange enze lutho Aze kuqala abone uYise eMkhombisa lokho embonweni. Lokho kwaMenza uNkulunkulu-mprofethi.

163 Futhi namhlanje Usengofanayo, uNkulunkulu-mProfethi ofanayo, uMoya oNgcwele ofanayo ohlala phakathi kwabantu. SiMemukele, ngesimo sombhaphathizo. SiMemukele, ekukhulekeleni omunye ngamunye. SiMbonile ekhuluma

ngezinye izilimi. SiMbone ekuhumusha. SiMbone enza lezizibonakaliso ezinkulu zosuku.

164 Futhi manje siqhubekela kwenye into ethize. Sibe nenqwaba yokuzifanisa nabanye. Sibe nenqwaba yalezizinto, kodwa lokho akukususi eQinisweni leBhayibheli. Usalokhu enguye izolo, namuhla, naphakade. Usalokhu enguye uJesu Kristu. UyiNdodana kaNkulunkulu. Uphila kuze kube-phakade.

165 Wathi, "Kuseyisikhashana izwe . . ." Lokho ukuma kwezwe, inqubo yezwe, iqembu elejwayelekile lehlelo. "Ngeke lisaNgibona. Nokho niyakuNgibona nina, ngokuba Ngi . . ." No "Ngi" yisabizwana somuntu. "Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe, kuze kube sekuphelelisen i. Mina, Mina uqobo lwaMi ngiyakuba kini, ngisebenza imisebenzi yaMi efanayo eNgayenza, kusukela le kuya ekuphelelisen i, isikhathi sokuphela." "Onguyena izolo, namuhla, naphakade." UNkulunkulu asisize ukuba sikukholwe.

166 Manje benginganibuza umbuzo, ukuba Ubezoqhamuka lapha phakathi kwethu kulobubusuku. Manje, ngifuna nazi lokhu, ukuthi ayikho into ethiwa ngumphilisi ngokukaNkulunkulu, kanjalo futhi akekho uMsindisi wobuNkulunkulu emhlabeni namhlanje. Ulapha ngesimo sikaMoya oNgcwele, futhi Ulapha kuphela ukuqinisa Asevele ekwethembisile. Ulapha, enza iZwi laKhe libonakaliswe. Ngenkathi Efika okokuqala, Wafakazisa ukuthi WayenguMesiya ngalokho Ayekwenza. Kwafakazisa ukuthi kwakunguMesiya.

167 Manje, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, nasemihleni kaLoti." Ngemihla kaNowa, kwafika amanzi. Ngemihla kaLoti, kwafika umlilo. Sibhekeni manje na? Umlilo. Bhekisisani ukuthi Wazifakazisa kanjani Yena uqobo.

168 Wehla. Kwakukhona uLoti, ezansi eSodoma, ilunga lebandla elisivivi, elihlubuke uhhafu. Futhi kwakukhona iziNgelosi ezintathu ezazivela eZulwini, futhi zafika kuqala kuAbrahama, owayemele iqembu elibizelwe ngaphandle kwaleloSodoma, eselivele libizelwe ngaphandle.

169 NeziNgelosi ezimbili zehlela eSodoma futhi zashumayela, azizange zenze izimangaliso eziningi kangako, uBilly Graham wesimanje. Kodwa wazikhomba yena uqobo eyinceku kaNkulunkulu. Futhi masinyane emva kokuphuma kukaLoti, abasivivi bashiya umuzi, khona-ke umlilo wabhubhisa indawo.

Kodwa qaphelani ukuthi hlobo luni lwaleYo eyasala noAbrahama na? Qaphelani.

170 Manje, uAbrahama wayeneminyaka eyikhulu ubudala, noSara wayenamashumi ayisishiyagalolunye. Iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, babesikholiwe lesosithembiso sendodana ezayo, bebambelela kuso.

171 Ufika lapho-ke, kulabo okholwayo, bebambelele kulesosithembiso.

Futhi, bhekisisani, ezimbili zehla.

172 Le Eyasala noAbrahama yazikhomba Yona uqobo. Yayihlezi Ifulathele ithende. Futhi khumbulani, wayekade engu "Abrama" kwaze kwaba wusuku nje noma ezimbili ngaphambi kwalokho, noSara kade enguS-a-r-a-y-i. Manje usenguS-a-r-a, futhi yena ungu Ab-r-a-h-a-m-a, Abrahama. Futhi Mqapheleni, Wambiza (hhayi igama lakhe lokuqala) igama lakhe aphiwe lona, usuku noma ezimbili ngaphambili. "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" S-a-r-a, inkosazana yenkosi.

Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

173 Manje, YaYifulathele ithende. Yayisithi, "Abrahama, Mina, Ngizokuvakashela," ngokwesithembiso Eyamenzela sona. Niyabona ukuthi YayinguBani na? Yayisithi, "NoSara umkakho uzoba nalengane."

174 NoSara, ethendeni emva kwaYo, iBhayibheli likhomba lithi, "Wayesemva kwaYo, ethendeni. Wahlekela phakathi kuye."

175 NeNgelosi yathi, "Uhlekeleni uSara na?" Niyabo? "Uhlekeleni uSara na?" Yazi ayekwenza ethendeni, ngemuva. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na?

176 Futhi ngenkathi uAbrahama ephuma, waYiholela ngaphandle, Yahamba ngendlela yaYo. UAbrahama wathi wakhuluma kuNkulunkulu, uElohim. Ini na? U*Elohim*, "Onele konke."

177 Kwakuyisayini yani na? Wathini uJesu na? "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Lokho, lokho . . .

178 Omuny'umuntu wathi kimi, "Mfowethu Branham, awukholwa ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu, uyakholwa na?" IBhayibheli lathi kwakunguNkulunkulu, futhi yilokho kuphela engikwaziyo. Wathi kwakunguNkulunkulu.

179 Kwakuyisibonakaliso sani na? Ukuthi, uNkulunkulu, ngezinsuku zokugcina, ngaphambi kokuba izwe libhujiswe, Uyobonakala eqenjini elibizelwe ngaphandle, uNkulunkulu ezikhomba Yena uqobo enyameni yomuntu phakathi kwabantu baKhe. NaNgu, onguyena izolo, namuhla, naphakade.

180 Manje, akusiwo umbuzo ukuthi ngabe Uzoniphilisa noma qha. Ngumbuzo wokuthi Uyaphila noma qha. Uma Ephila, Uyasigcina isithembiso saKhe. Uma kungenjalo, yindaba eyinganekwane nje esiyifunde ndawondawo, futhi yilokho kuphela okukukho. Ngikholwa ukuthi Uyaphila, kulobubusuku, phakathi kwethu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

181 Anginawashi elikhulu. Angiboni . . . Iwashi lami lephukile, futhi a—angazi ukuthi sikhathini sini. Ngakho omunye akangitshele ukuthi sikhathi sini. [Omunye uthi, "Ishumi nanhlanu kushaye eleshumi."—Umhl.] Ishumi nanhlanu kushaye eleshumi. Ngi fif- . . . Sengileyithi ngqo ngemizuzu engamashumi amane-nanhlanu manje. Bengingaqondile ukwenza lokho. Ngiyaxolisa. Ngithetheleleni.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

182 Nginibuza umbuzo. ImiBhalo, amaviki kusukela manje, besingabe sihlezi kuleyondaba efanayo. Yinkomba ukuthi uJesu ulapha. "Bamnumzane, sithanda ukubona uJesu." Futhi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Uma beningaMbona ehamba phakathi kwethu kulobubusuku futhi enza izinto ezifanayo nje khona lapha, Azenza ngenkathi Ehamba engena eGalile, ubungaMkholwa na? Uma ubungamkholwa, phakamisa isandla sakho, uthi, "Bengingakholwa uma nje bengingaMbona enza into efanayo Ayenza lapho."

183 Baba wethu waseZulwini, yiqembu labantu elithandeka ngempela. Banokuvuma kakhulu. Futhi ngi—ngi . . . Sijabula kakhulu, abefundisi, Nkosi, ukubona abantu abavumayo eVangelini. Kuchaza ukuthi sikhona isibonakaliso, ukuzwakala kokuvunguza komoya emoyeni. Kungahle kube yinto esiyikhulekele, lapha eTucson, ukubona imvuselelo enkulu.

184 Silapha ukuzikhomba thina uqobo njengezinceku zaKho, njengofakazi oqinisile weBhayibheli. Futhi siyazi, ukuthi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Futhi siyazi leliBhayibheli lizwakalisa imicabango kaNkulunkulu kubantu baKhe. Futhi *iZwi* li "ngumcabango ozwakalisiwe." Nkosi, kwangathi ukuzindla okusenhliziyweni yami, ukuthi U "nguye izolo, namuhla, naphakade," kwangathi uMoya oNgcwele ungasiza kulobubusuku ukuzwakalisa leloZwi, ukuthi kuzoba amazwi aphilayo phakathi kwethu ngqo, ukuthi sizobona ukuthi uJesu uyaphila.

185 Ngokwenzenjalo, Nkosi, ngikholwa ukuthi izethameli zabantu zizoMemukela. Labo abangasindisiwe bazofuna lowoMsindisi oyisimangaliso. Ukwazi, ukuthi, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, nasi isithembiso saKhe, ephila impela nje kulobubusuku njengoba kwakuyihora Akwenza ngalo. Nabagulayo bazophiliswa; abangcwele bazobusiswa. Siyezwa ukuthi imvuselelo esiyikhulekelayo izoba sendleleni. Nkosi, lokhu kungangokuba noma yimuphi umuntu engafinyelela khona, ngukusho nje lokho Okushilo.

186 Manje sifuna Uze, Jesu othandekayo, futhi uzwakalise kithi kulobubusuku uBukhona baKho, ukuze sonke sazi ukuthi Ulapha. Futhi kuzoxhuxhumisa izinhliziyo zethu,

Nkosi, ukwazi, njengoba sehla ngomgwaqo. Kuzosenza sonke sicabange, ngesikhathi esilandelayo siqala ukwenza noma yini, noma sicabange izinto ezingalungile, siyazi ukuthi Usibhekile. Siyazi ukuthi Ulapha. Siyazi ukuthi akunakwenzeka nhlobo, Nkosi, ukuba lokhu kwenzeke ngaphandle kwaKho, ngakho sikhulekela ukuthi Uzokupha kulobubusuku. EGameni likaJesu. Amen.

187 Manje, sinikezela ngamakhadi omkhuleko nsuku zonke. Futhi manje, singeke sabathatha bonke ngesikhathi esisodwa. Futhi sithe ukuba leyithi kancane. Ngi—ngikholwa ukuthi sifanele sivale lokhu ngeleshumi nqo. Futhi nje sizobiza amakhadi ambalwa omkhuleko futhi sikhulekele abanye, abantu abagulayo, futhi mhlawumbe uMoya oNgcwele uzopha into ethize phakathi kwethu.

188 Ngifuna wonk'umuntu ukuba ahlale athule ngokuphelele. Gcinani ukuthula kwenu, nithule nje du. Bambani indawo yenu. Bese kuthi-ke, khumbulani, khulekani.

189 Manje, asibone, siqala nomaphi nje. UBilly undawondawo lapha, uma nje ngingabona lapho ekhona. Unikezela ngamakhadi omkhuleko. Angazi ukuthi unikezani. O, usemuva ethunzini, emuva lapho. Ini? UA, kusukela kowokuqala kuya kowekhulu. Kulungile. Akusukume abayisishiyagalombili noma abayishumi.

190 UA, wokuqala, ubani onekhadi uA, wokuqala? Uma ungenakusukuma, ngani, sizokuthwala. Sizobona ukuthi u. . . UA, wokuqala? Asibone, ngaphi? Kungcono uze *ngapha*, ngiqagele. Noma, ngapha? Kulungile. UA, wokuqala, ungaya ngapho ngqo, nenekazi. Abanye . . .

191 UA, wesibili. Ubani onowesibili, wesibili? Ngiyazi ukuthi abantu baseSpain lapha. Owesibili, ungasiphakamisa isandla sakho ukuze sikwazi ukubona ukuthi ukuphi? UA, wesibili. Umnumzane ohloniphekile emuva lapho. Ungeza lapha, mnumzane.

192 Owesithathu, owesithathu, ophethe ikhadi lomkhuleko lesithathu, ungasiphakamisa isandla sakho? Inenekazi. Ungeza ngapha ngqo, nenekazi, uma uthanda, wesithathu.

193 Elesine, ubani onekhadi lomkhuleko lesine? Ungasiphakamisa isandla sakho lapho? Lomnumzane ohloniphekile lapha, khona lapha. Kulungile.

Elesihlanu? Kulungile, phezulu *ngapha*.

Elesithupha, ubani onekhadi lomkhuleko lesithupha, elesithupha?

194 Omunye akasho ngeSpenishi. Ini? [Abantu abaningana bathi, "Seis."—Umhl.] Seis? [Abantu abaningana bayaphinda bathi, "Seis."] Seis. Ikhadi lomkhuleko lesithupha. Ngiyethemba . . . Niyabo?

195 Buka ikhadi lomkhuleko likamakhelwane wakho. Kungahle kube ngumuntu oyisithulu. Abakuzwa, uyabo. Bazolahlekelwa yithuba labo. Sifuna wonk'umuntu ukuba akhulekelwe. Ngakho manje uma noma ubani, ubambe ikhadi lakho lomkhuleko, kulungile, elesithupha. Bangahle . . .

196 Kunabanye abahambile lapha, emizuzwaneni edlule, ngakho kungahle kube ngukuthi ngishumayele isikhathi eside kakhulu, noma ngakhuluma isikhathi eside kakhulu, njalo. Noma, angizange ngishumayele, kodwa ba—bangahle kuba bakhandlekile.

197 Elesithupha, elesikhombisa. Elesikhombisa, ungasiphakamisa isandla sakho? Elesikhombisa. Elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye. Nakho-ke. Kuhle. Elesishiyagalolunye, elesishiyagalolunye, elesishiyagalolunye, ikhadi lomkhuleko lesishiyagalolunye? Ngabe ngumfana omncane na? Unekhadi lomkhuleko lesishiyagalolunye, mfanyana na? Elesishiyagalombili. Kulungile. Lokho kuhle. Elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye?

198 Manje, uma nithola amakhadi omkhuleko, bukani, ninga—ninga—ningawathathi nje, niyabo, futhi—futhi ningenyuki, ngoba nirobha omunye waleyondawo, niyabo. Futhi wena, ufanele uze futhi uthathe ikhadi lomkhuleko okungelakho. Uyabo, omunye eze futhi athathe elilodwa, alinike omunye futhi, futhi bayasukuma bese bephuma, bese kuthi-ke, niyabo, omunye alahlekelwe yileyondawo lapho omunye bekufanele angene khona. Kulungile.

199 Kunowesithupha nowesishiyagalolunye ophandle. Ubani ongakusho ngeSpenishi, kuzwakale impela na? [Omunye uthi, "Nueve."—Umhl.] Kulungile. Noma ngabe lelo bekuyiliphi, kulungile, lokho kuhle. Kulungile. Uma lelokhadi lomkhuleko lilapha, kulungile.

200 Ngabe lelo nenekazi linalo lelo, elesithupha noma elesishiyagalolunye na? Wena, elesithupha na? Kuhle. Kulungile.

201 Elesishiyagalolunye, manje, ubani onekhadi lomkhuleko lesishiyagalolunye na? [Omunye uthi, "Bahambile."—Umhl.] Bahambile. Kulungile. Kulungile.

202 Asiqale lapha, khona-ke. Kulungile, qalani umugqa womkhuleko, futhi niqale.

203 Manje, bese kuthi-ke, si—siyaphuthunywa kancanyana, ngakho ningashaywa wuvalo manje. Sizophuma cishe kweyishumi, imizuzu eyishumi nanhlanu. Kodwa ngifuna ukunibuza okuthize.

204 Yilokho-ke, bazalwane. Manje ngifisa sengathi beningakwenza, indawana encanyana nje lapho, uma ni—uma ngokwenzeka ningathanda. Ngiyabonga.

205 [Umfowethu uthi, "Mfowethu Branham, asidingi ukuba siphume lapha ngeleshumi. Thatha isikhathi sakho."—Umhl.] Umfowethu uyeza nje, wangitshela, asidingi ukuba siphume ngeleshumi. Ngakho, lokho kuhle. Awu, asifuni ukukhandla abantu.

206 Nansi i—nansi into. Ngokubona kwami . . . Manje, bangaki khona lapho ongenawo amakhadi omkhuleko, futhi nokho uyagula na? Phakamisa isandla sakho, ongenawo amakhadi omkhuleko. O, kundawo zonke nje. Awudingi ukuba ube nekhadi lomkhuleko. Ufanele ube nokukholwa. Niyabo? Ikhadi lomkhuleko liyinto nje oliphatha ngesandla sakho. Niyabo? U . . . Yikhadi nje elinenombolo kulo. Yilokho kuphela okukhona, ikhadi eline nombolo yokuqala, yesibili, yesithathu, kumbe noma ngabe iyiphi. Futhi ngezinye izikhathi si . . . Usuku nosuku sikhipha amakhadi amasha, ngoba kunabantu abangenayo. Bese-ke siqala endaweni eyodwa, nenye. Impela.

207 Bangaki owake waba komunye wemihlangano ngaphambili na? Asibone isandla sakho. O, o, bengicabanga ukuthi bengiphambi kwezethameli eziyizihambi, bese-ke ngikhuluma ngento ethize efana naleyo. Niyabo? Ngani, qhabo. Kunababili kwabathathu phakathi lapha oke waba semihlanganweni ngaphambili. Kulungile. Niyaqonda ukuthini, indlela esikwenza ngayo.

208 Manje, angiboni muntu ngalesisikhathi ebengingathi ngiyamazi. Ngi—ngingahle ngibazi abanye benu, kodwa akukho muntu engimbonayo engimaziyo. Angiboni noyedwa umuntu.

209 Ngi—ngiyazi umkami uphakathi lapha ndawondawo, nenye yamadodakazi ami, kodwa, futhi, kodwa angimazi ukuthi ukuphi, ngisho. Uphakathi lapha ndawondawo. Kodwa a—angi . . .

210 Futhi ngiyazi ukuthi ngimzwile uMfowethu Fred Sothmann, omunye wabaphatheli bethu bebandla eIndiana, ethi, "Amen," esikhashaneni esedlule. Kodwa uBaba waMi waseZulwini uyazi ukuthi angiyiboni ngisho indoda. Kuthi ukuba lukhuni ukubona ngilapha. Angazi ngisho nokuthi ukuphi.

Angiboni muntu engimaziyo, namunye wenu.

211 Kodwa, futhi bonke abakulomugqa womkhuleko, nina enisemgqeni womkhuleko, nonke ongangazi, noma niyazi ukuthi anginazi, phakamisani isandla senu, enaziyo. Kulungile. Lonke iqembu labo. Angibazi. Abangazi. Aningazi, futhi anginazi.

212 Manje, into ingukuthi manje, ngabe uJesu Kristu uyaphila na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yilokho esifuna ukukwazi. Niyabo? Futhi manje ngeke ngisho sa . . . Kunezinto eziningi ebesingazisho. "Yebo, ngiMuzwa enhliziyweni yami."

213 Abantu bathi, "Enye into ethize." Futhi basho izinto eziningi. Bathi, "Leyo yisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo."

214 Kodwa sifuna ukwazi, ngabe Uphila ngempela, ukuba ngokomBhalo azikhombe Yena uqobo enguyena izolo, namuhla, naphakade na? Yilokho esifuna ukukwazi.

215 Manje, nanti iZwi likaNkulunkulu, futhi ngiLiphethe ngesandla sami. Akukho muntu engingambona, ngaphandle kwendodana yami manje.

216 NoMfowethu Tony ehlezi phansi lapha, kodwa umongameli weFull Gospel Business Men's Fellowship, ngabantu ababili kuphela engibabonayo, engibaziyo.

217 Abaculi abancane bahlezi khona lapho ekupheleni, ngi—ngicabanga ukuthi bakahle kakhulu. Ngikholwa ukuthi lona ngumama wabo ehlezi khona lapha. Anginasiqiniseko. Noma—noma, kunjalo na? Ngabe nginephutha kukho na? Awu, nginephutha lapho. Ngakho, a—angazi. Ngibone inenekazi lidlala. Ngabe yilo leli opiyaneni na? Awu, ngilibonile inenekazi, ngobunye ubusuku, lidlala enhla lapho, elalibukeka lifana kakhulu impela nalelinenekazi lapha, engicabange ukuthi belingu—ngumama. We—we . . . Nanto. Yebo, mnumzane. Kunjalo. Awu, manje, uzodingeka usho, babukeka befana kakhulu impela. Kunjalo. Kodwa, lokho, niyabo, bengingalazi ngisho nalelo nenekazi.

218 Manje, ngakho-ke, ngimi lapha nabefundisi bengizungezile, emva kwami, nangaphandle ngaphambili, abantu abangamaKristu. Futhi simi lapha. Futhi ngiyasho ukuthi ubufakazi obubonakalayo beBhayibheli bukaJesu Kristu buyisibonakaliso sesiprofetho. IBhayibheli lisho njalo. Futhi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi wethembisa ukuthi, uma siyokholwa kuYe, imisebenzi Ayenzayo nathi siyoyenza. Manje, ngabe lokho kuqinisile na?

219 Manje, uma lelo kuyiqiniso, sonke isoni besifanele sizithole silapha ealtare, indawo lapha, futhi sicele intethelelo yesono. Wonke umuntu ogulayo ubufanele wemukele ukuphiliswa kwakho khona lapho okhona.

220 Ngoba, akukho mandla kimi. Ngingumuntu. Nangu umelusi wenu, ufana nami nje. Siyizinceku zikaKristu nje. Kodwa, silapha. Manje, ba—bangabashumayeli. Angisuyena umshumayeli kakhulu impela. Niyakwazi lokho, kwiyimanje. Kodwa ngi—ngi . . . Bangabefundisi, abafundisi, nokunye nokunye. Angisuye umfundisi, noma umshumayeli, njalo, ngoba anginamfundo, noma, futhi anginakho ukufunda esikoleni. Futhi anginaziqu ze . . . nalokho . . . Anginabo oB.A. noma oD.D, noma . . . Nje a—anginakho. Futhi ngi—ngi—ngi . . . Kodwa iNkosi ingiphe i—isiphiwo, ngoba ngiyaYithanda. Futhi I—Ingivumela ngiYisebenzele ngalendlela.

221 Futhi uma Izozibonakalisa Yona uqobo lapha; ukuthi Ilapha; nawo impela loMoya oNgcwele eniwemukelayo, uyafakazisa ukuthi yiYo. IPhentekoste iyonanto kuphela ezofakazisa ubuKristu. Ungeke wabufakazisa ngesayense. Ungeke wabufakazisa ngalutho kodwa ngesehlakalo sephentekoste. Nina maBaptisti niyakwazi lokho, nani maMethodisti namaPresbyterian, noma ngabe niyini.

Niyazi kuthatha isehlakalo sephentekoste ukufakazisa uNkulunkulu. Nalokho kukumuntu ngamunye. Akufakazisi yona inhlangano. Kufakazisa umuntu ngamunye.

222 NjengoJesu washo kuPetru, ngenkathi ethi, "UnguKristu, iNdodana kaNkulunkulu." Wathi, "Inyama negazi akuzange kukwembulele lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini. Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha ibandla laMi, namasango ehayidese angeke neze alidiliza, niyabo, angelehlule."

Manje, kukuphi na? Lelinenekazi.

223 Manje, uma uJesu Kristu efakazisa ukuthi Uyaphila, bangaki ozokwemukela ukuphiliswa kwakho, ngqo lapho ohlezi khona na? Phakamisa isandla sakho nje, uthi, "Uma Ezokwenza nje lokho Akwenza lapha, ngiyazi Uyaphila. Mfowethu Branham, ngi—ngikuzwile ukhuluma. Ngiyakwazi. Ungumshumayeli omncane nje onempandla umi lapho, uyabo, futhi ngiyazi akukho lutho kuwe. Kodwa ngi—ngiyazi, uma ukhulume iQiniso, uNkulunkulu ngempela uzofakaza ngaLo. Ubophezelekile ukuba enze lokho."

224 Manje, ngikhulume ngaYe. Manje akukhulume Yena, ukuthi nginitshele iQiniso. Uma kungesilo iQiniso, khona-ke akusilo iQiniso. Uma KuliQiniso, khona-ke Lemukeleni.

225 Inenekazi lapha, angikaze ngilibone. Liphakamise izandla zalo, emizuzwini embalwa edlule, ukuthi besiyizihambi komunye nomunye. Lingahle ukuba lezwa ngami ndawondawo, ephepheni, iphephabhuku, noma ngahle ukuba lingibonile emhlanganweni. Kodwa njengokwazi noma yini ngowesifazane, okokuqala, into kuphela engiyaziyo, mhlawumpe angikaze ngibonane nalo phambilini empilweni. Limi lapha, isihambi uqobo.

226 Ake nisho, lokhu kwenzeka kube yinto ethize engikhulume ngayo, emizuzwaneni embalwa eyedlule. Nangu owesilisa nowesifazane, bebonana okokuqala, njengoJohane oNgcwele isahluko se 4, ngenkathi iNkosi yethu uJesu Kristu ibonana nowesifazane emthonjeni. Kuyo ngqo indawo ebonakala yonke ngasikhathi sinye, indlela efanayo, iBhayibheli nje libumbeka futhi. UJesu wayengalazi neze. Lalingamazi neze uJesu. LaMbuza, elibuza, futhi—futhi Walicela amanzi. Kwase kuthi-ke ngenkathi uBaba embula kuYe ukuthi kwakuyini inkathazo yakhe, ngokushesha waqonda ukuthi lokho kwakungaphezu nje kokuba ngumuntu ojwayelekile.

227 Manje, nenekazi, a—angikwazi, angazi neyodwa into ngawe. Kodwa ngikhuluma kuwe nje, noma wena ungumuntu wokuqala ukubamba uMoya weNkosi. Futhi manje ngiyabona ukuthi uyikholwa, futhi ngiqonde ikholwa elingumKristu, hhayi ocela ulifti. Ngoba, masinyane, ngenkathi ngiphendukela kuwe, umoya wakho ungqangqazela ukwemukeleka. Uyabo, ngiyazi ukuthi lingumKristu. Uyabo? Manje, belingaba ngumzenzisi; belingaba noma yini; belingaba ngumkhohlisi emi lapho. Bengingazi kanjani na? Angikaze ngilibone empilweni yami.

228 Kodwa, manje, uma—uma lokhu kuziphinda, ukuthi Yena uyazi lapho inkathazo yakho ikhona, Uyazi ukuthi uze ngani lapha. Kungaba ngukugula. Kungaba yinkathazo yezezimali. Kungaba yinkathazo yezasekhaya. Angazi. Yena uyazi. Kodwa uma Ezokwembula kimi ngoBukhona baKhe, futhi avumele umqondo wami nezindebe, nakho konke, kuthatheke kakhulu ngaYe, uzoze Akutshele ukuthi uze ngani lapha. Uyazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha, ungeke na? Ubuzokwazi, ukuthi ngabe bekuyiqiniso noma qha.

Bangaki abebengakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo?

229 Manje, ngilapha, nezandla zami ziphakeme, nazo. Angikaze ngimbone empilweni yami, ngokwazi kwami. Angikaze ngimbone empilweni yami. Siyizihambi uqobo, omunye komunye. Manje, uma uMoya oNgcwele engembula, kulona wesifazane, into ethize ngaye: into ethize ayenzile, njengoba kwenza lowo wesifazane emthonjeni ngaleyonkathi; noma into ethize abefanele ayenze, futhi akangayenza; inkathazo ethize abenayo; into ethize esenhliziyweni yakhe; into ethize ayifunayo, noma into ethize efana naleyo; izofanele ivele kwamanye aMandla angaphezu kwemvelo. Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.]

230 Awu, manje, ubungathatha icala langakubaFarisi, futhi uthi, "Ngudeveli." Noma, ubungathatha icala langasekholweni, futhi uthi, "NguNkulunkulu." Manje-ke, kuya ngawe. Kukuwe.

Manje, lokho, kungahle kube nguMoya oNgcwele ukhuluma.

231 Manje, uma nina enilawula lemibhobho, ngesinye isikhathi nxa kwehla Ugcobo, ukuthi a—angazi ukuthi ngikhuluma kakhulu kangakanani.

232 Niyabona lapho engidingeka ngime khona manje na? Kuphakathi kokuthi ngidingeka ukuba ngime naleliZwi . . . Futhi ngimemezele ukuthi LiyiQiniso. Manje ngizofanele ngethembele kuNkulunkulu ememezela lokho emuva, ukuthi kuliQiniso, khona lapha phambi kwalababantu.

233 Ngakwenza phambi kwengxenye yesigidi. UNkulunkulu wakwenza, njalo, angikusho, eBombay, eNdiya, phambi kwezinkulungwane ezingamakhulu amabili nanhlanu.

234 ENingizimu Afrika, emzileni womjaho wamahhashi, ngenkathi izinkulungwane ezingamashumi amathathu zabomdabu boblankethe zemukela uKristu. Futhi izinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu, zilele ezinhlakeni nayo yonke into, zasukuma zahamba, ngesikhathi esifanayo. Lokho kwa—lokho kwakungabakhonza izithombe.

235 Bekufanele kwenzeni eqenjini elizelwe ngokusha elikholwa nguNkulunkulu nelibheke into enjengaleyo ukuba yenzeke na? Izimangaliso eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu zenziwa ngesikhathi esisodwa nje, yilokho kuphela ababefuna ukukubona, masinya nje lapho kwenzeka. Bekufanele kwenzeni kithi na?

236 Manje, dadewethu, singabantu ababili, sizalelwe ezingxenyeni ezihlukile zezwe, mhlampe, futhi sibonana okwethu kokuqala lapha manje. Futhi ngi—ngifuna nje ukukhuluma nawe, ngokuhlelekile, uma Ezokwembula kimi, njengoba sonke silindele ukubona ukuthi kwenzekani. Manje, kuzofanele kube nguYe, ngoba a—angikwazi. Angikaze ngikubone, kodwa uNkulunkulu uyakwazi.

237 Kodwa manje uma ibandla. . . Ubani oke wabona lokho kuKhanya, lesisithombe seNgelosi yeNkosi na? Bangaki oke waKubona na? Niyabo? Kulungile. Nakhu, khona lapha phakathi kwami nowesifazane, khona manje. Anikuboni Lokho na? Kuya kuye. NiyaKubona na? Niyabo? Owesifazane uyaKubona, qobo lwakhe.

238 Owesifazane unezifo ezelakanyanayo. Unezinto eziningi ezingalungile ngaye. Enye yezinto ezinkulu engalungile ngaye isimo senyongo. Lokho kuqinisile. Manje, uma lokho kuqinisile, phakamisa isandla sakho.

239 Manje niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. AkasuYe na?

Niyakukholwa lokho, bazalwane na? [Abazalwane bathi, "Amen."—Umhl.]

240 Ngilokhu ngikuzwa nje lokho kuza, omunye uthe, "Ukuqagelile lokho." Angikuqagelanga lokho. Futhi, uyabo, ungeke uzifihle manje. UMoya oNgcwele ulapha. Okucabangayo, ngizokubamba. UJesu wayibona imicabango yabo, niyabo. Futhi angisuye uJesu, kodwa Ulapha nathi. Niyabo?

241 Lapha, angikwazi. Futhi uJesu uzongitshela ukuthi ungubani, lokho-ke bekufanele kukhiphe umbuzo kukho, ngaso sonke isikhathi. Bekungafanele na? Nkk. Heineman, hamba ngendlela yakho. Usuphilisiwe. UJesu Kristu uyakusindisa. Amen. Amen.

Seniyakholwa manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Wena uthi, "Lelogama lowesifazane?"

242 Ngani, Akamtshelanga uSimiyoni ukuthi igama lakhe lalingubani, ukuthi uyise wayengubani na? Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

243 Sawubona, mnumzane? Nansi indoda engingakaze ngiyibone empilweni yami. Ngithemba ukuthi siyizihambi, omunye nomunye. Kunjalo. Ukuze abantu bazi, phakamisa isandla sakho nje ukuze abantu bengabona ukuthi siyizihambi. Angikaze ngiyibone indoda. Ibukeka sengathi i—ibiphile ngokwenele. Angiyazi indoda. Angikaze ngiyibone. UNkulunkulu wazi konke ngayo.

244 Manje, uma ibigula futhi bengingayiphilisa, bengingebe ngumuntu omubi kakhulu uma ngingayiphilisanga na?

245 Kodwa bengingeyiphilise, ngoba angikwazi ukwenza lokho uKristu asevele ekwenzile. Isivele iphilisiwe, uma igula. Kuyinto nje e. . . Uma uJesu ubemi khona lapha efake lesudu, Angipha yona, Ubengekuphilise. Ubezokutshela Usevele ukwenzile. Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaKhe. Ubezokubuza uma ukukholwa.

246 Kodwa Ubengazikhomba Yena uqobo ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade, futhi yilokho nje Akwenzayo. Niyabo? Kunjalo.

247 Manje, nangu owesilisa. Omunye bekungowesifazane. Angikaze ngimbone, ngihlangane naye. Siyizihambi nje lapha emhlabeni. Manje, mnumzane, uma uMoya oNgcwele omkhulu . . .

248 Okungukuthi, unokuzwa khona manje, kukhona into eyenzeke ngaleyonkathi ngqo. Ayenzekanga na? Manje, lokho kuKhanya kuzinze ngqo phezu kowesilisa. Mbuzeni nje. Ngifuna nazi lokhu. Emzuzwaneni nje owedlule, okumnandi ngempela ukuzwa kokuzithoba kuza phezu kwakho. Kunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kuqinisile. Uyabo? NgiKubuka ngqo, uyabo, lapho. Kulungile.

249 Indoda inokuzwa okulukhuni okuncinyane ezindlebeni zayo, kodwa ibe nento ethize enzima eyenzeka kuyo. Ibe nokuhlinzwa kwesibhono. Yilokho ofuna ngikukhulekele. Uma lokho kuqinisile, phakamisa isandla sakho. Kulungile.

250 Kunjalo na? Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Manje, niyabo, awuziqageli lezozinto. Ziyiqiniso.

251 Lapha, inento ethize enhliziyweni yayo, ufuna ukukholwa ukuthi ngabe uNkulunkulu noma qha. Kunenye into ethize esenhliziyweni yakho, into ethize oyifunayo. Kunomuntu mumbe khona lapha ezithamelini, ogulayo, naye. Ngumkakho. Kunjalo. Unezifo ezelakanyanayo, osizini nobuhlungu, khona manje. Lokho akunjalo na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.]

Kulungile, dadewethu, uphilisiwe, nawe. Nobabili hambani ekhaya. UJesu Kristu uyanisindisa. Hambani ngendlela yenu, nithokoza. Nibonga uNkulunkulu. Nisindiswe. Busiswani!

252 Kholwani manje. Yibani nokukholwa. Ningangabazi. Kholwani. Konke kungenzeka kwabakholwayo. Niyabo? Ngeke ngaphilisa. Angisuye umphilisi. Kodwa uJesu Kristu uzifakazisa Yena uqobo ukuthi Ulapha nani.

253 Lona, uthi ukuba yiNdiya noma inenekazi elinguMexico elingibukayo, khona lapha, liphethwe yibhiphi. Uyamkholwa uJesu Kristu na? Angikwazi. Angikaze ngikubone. Kunjalo na? Kodwa, ubuhlezi lapho, ubukukholwa lokho. Ubungakukholwa na? Sukuma ngezinyawo zakho, uma lokho kunjalo, uma uphethwe yibhiphi. UJesu Kristu ukuphilisile.

254 Kwenzekeni lapho na? Wena uthi, "Mfowethu Branham, lowo akusiwo umBhalo." Yebo, yiwo. Owesifazane wathinta ingubo yaKhe. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

255 Manje, nibangaki befundisi nani bantu enikukholwayo lokhu, ukuthi iBhayibheli liyasho, ukuthi, "UngumPristi oMkhulu manje onokuzwelana nobuthakathaka bethu na?" Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ubungazi kanjani ukuthi uMthintile na? Ngoba Wenza ngendlela efanayo Enza ngayo izolo. Amen. Kumenza abe Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

Lowo wesifazane omncane bandla ehlezi lapho, niyabo, ukukholwa kwakhe!

256 Kwakukhona owesifazane ngesinye isikhathi owadabula esixukwini sabantu, futhi wathinta ingubo yaKhe, ngokuba wathi phakathi kwakhe, "Ngikholwa ukuthi iNdoda ineqiniso. Ngikholwa ukuthi IyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi uma nje ngingathinta umphetho wenguyo yaYo, ngizophiliswa, ngisinde." Bangaki oyaziyo indaba na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, manje-ke, uma E . . .

257 IBhayibheli lithi, eTestamenteni eLisha, incwadi yamaHeberu, ukuthi, "UngumPristi oMkhulu ukuthi khona manje angabanokuzwelana nobuthakathaka bethu." Sazi kanjani ukuthi siMthintile na? Ngoba Wenza ngendlela efanayo Enza ngayo izolo.

258 Manje, niyazi owesifazane akazange angithinte. Uqhele ngamafidi angamashumi amathathu kimi.

259 Kodwa uthinte lowomPristi oMkhulu esixhumene naYe. Nakho lapho okhona. Ngamunye wenu angakwenza lokho uma nje nizokholwa. Amen. Niyabona ukuthi Uyafana na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

260 Manje buzani owesifazane omncane. Angikaze ngimbone, angikaze ngimazi. Ungowesifazane nje ohlezi lapho.

261 Ngiyaxolisa. Siyizihambi, omunye komunye, kodwa uJesu Kristu usazi sobabili. Uyakholwa ukuthi Angembula kimi into ethize oyenzile, into ethize oyifisayo na? Kungakwenza ukwazi lokho na? Mina, umfowenu nje, ngeke ngakwazi lokho. Kuzofanele kuvele kwamanye amandla. Ungakukholwa ukuthi nguJesu Kristu na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Ubungakwenza. Ngikholwa ukuthi ubungakwenza, ngoba ungumKristu. Kulungile. Wena, ngikholwe manje.

262 Futhi manje ngabe izethameli zizokholwa ngayo yonke inhliziyo yazo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakholwa ukuthi ihora esiphila kulo, ukuthi lezizinto zifanele ukuba zifike khona manje na? ["Amen."] Khumbulani, leso kwakuyisibonakaliso sokugcina uIsrayeli aba naso ngaphambi kokuba a. . . "Okwathathwa, kwathathwa. Okwashiywa, kwashiywa." Leso kwakuyisibonakaliso sokugcina ngaphambi nje kokuba umlilo wehle. Kunjalo na? ["Amen."]

263 Sibe nezibonakaliso, izimanga, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukukhuluma ngezilimi, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Kodwa saba yini isibonakaliso sokugcina ngaphambi kokuba iSodoma lishe na? Yona impela lento eniyibona kulobubusuku, uNkulunkulu ezibonakalisa Yena uqobo enyameni yomuntu, azi imfihlo yenhliziyo. UJesu Kristu washo njalo. "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

264 "Awusho, ubuka owesifazane. Ufunda umqondo wakhe." Ngizomfulathela-ke. Niyabo? Ningacabangi ukuthi angikubambi enikucabangayo, ngoba ngiyakubamba. Kulungile.

265 Nenekazi, yenyukela lapha nje manje, ukuze ngizobuka phezulu futhi ngingabambi omunye umuntu. Manje, siyizihambi uqobo. Kodwa uma uJesu Kristu angembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokukholwa na? Uma uzokukholwa, phakamisa isandla sakho.

266 Ngiyabona unokwethuka ngokweqile. Kunjalo. Futhi kakhulukazi lokho kwenzeka sekuntambama kakhulu, uma usukhathele futhi usukhandlekile, yonke into ibonakala ixakile kuwe. Uphethwe futhi yisifo samathambo. [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Lokho kunjalo. Vayizelisa isandla sakho. ["Kunjalo, futhi."] Ya. Futhi ngiqaphela ukuthi uma u—uma uzama ukuphuma embhedeni, uhamba kancane ngempela, uma uvuka ekuseni. Kuthi ukuba lukhuni kuwe ngalesosikhathi. Lokho kuqinisile.

267 Into ethize exakile. Ngibona indoda, insizwa, ibonakala phakathi lapha. Indodana yakho, futhi iphethwe isimo sengqondo. Nesimo sengqondo sabangelwa inkathazo yezasekhaya. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Lokho kuqinisile. Akunjalo na? Uyakholwa manje na? [Udade uthi,

"Yebo."—Umhl.] Khona-ke hamba ukuthole ngendlela okholwa ngayo. UNkulunkulu abe nawe. Yiba nokukholwa, futhi ukholwe. Kuzolunga.

268 Niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela. Wazi konke ngani.

269 Sawubona, mnumzane? [Umfowethu uthi, "UNkulunkulu akubusise."—Umhl.] Siyizihambi omunye komunye, ngiyethemba. ["Yebo, mnumzane."] INkosi uJesu isazi sobabili. ["Yebo."] Singamadoda amabili ahlangane lapha okokuqala empilweni. Kodwa kunoMunye lapha. Unga . . .

270 Ukuqhaqhazela, lokho nje ukuphelelwa ngamandla, uyabo. Ngikhulume ihora noma ngaphezulu; akungilimazanga. Kodwa nje umbono owodwa, lowo uyakwenza. Niyabo? Niyabo? Bangaki ozwa ukuthi niyakuqonda lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UDanyeli wabona umbono owodwa, wabanenkinga ekhanda lakhe izinsuku eziningi. UJesu washumayela ubusuku bonke nayo yonke into, kodwa owesifazane oyedwa omncane wathinta ingubo yaKhe futhi Wathi, "Ngiyabona kuphumile amandla kiMi." Kunjalo na? ["Amen."] Lokho ukuqina. Futhi kwenza lokho eNdodaneni kaNkulunkulu, kungenzani kimi, isoni na? Niyabo? Niyabo? Kwenza into ethize kuwe. Ngokukhuluma ngokusobala, zonke izethameli manje ziba njengokufikizela. Niyabo?

271 Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Kodwa uma Ezokwembula kimi okusenhliziyweni yakho, khona-ke U . . . UJesu wayibona yona impela imicabango yabo. Niyabo? Uyayazi inhliziyo yakho. Futhi uma Engembula kuwe izifiso zakho, ungakholwa ukuthi uzokwemukela na? [Umfowethu uthi, "Amen."—Umhl.]

272 Bangaki khona lapho enizokholwa ukuthi nizokwemukela na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lokho bekufanele kukuxazulule, uma nikukholwa.

273 Into ethize esengalweni yakho ikhombisa ukuthi unebhiphi. Kunjalo. Kodwa kunembangela, nembangela isukela esigaxeni sesifo sokuvuvuka komphimbo. Kunjalo. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma inceku yaKhe, njalo na? [Umfowethu uthi, "Yebo, mnumzane. Ngiyakholwa."—Umhl.] Uyakholwa ukuthi Uyakwazi na? ["Amen."] Ufuna ukuphiliswa ngenhla yembangela entsha. Ufuna ukuba yisithunywa senkolo. Lapho ozosebenzela khona kuzoba seMelika eMaphakathi. Kunjalo na? Mnu. Ogum, kholwa ngalo lonke uqobo lwakho, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Hamba futhi wemukele ukuphiliswa kwakho. UJesu Kristu uyakusindisa.

274 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bangaki okholwayo ukuthi uJesu nguyena izolo, namuhla, naphakade na? ["Amen."] Niyakholwa ukuthi Ulapha na? ["Amen."]

275 Manje ake ngininike omunye umBhalo. UJesu wathi, "Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; ongakholwa uyakulahlwa. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni. Bayakukhuluma ngezilimi ezintsha. Uma bephatha izinyoka noma baphuze okubulalayo, akuyikuba nangozi. Uma bebeka izandla kwabagulayo, bayakusinda." Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? ["Amen."]

276 Ayethini amazwi aKhe okugcina aphuma ezindebeni zaKhe lapho Enyuswa na? "Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Kunjalo na? ["Amen."] Niyakukholwa na? ["Amen."] Mangaki amakholwa aphakathi lapha na? Ake sibone. Kulungile.

277 Manje, uma nifuna ukubona isimangaliso sikaNkulunkulu, kholwani ukuthi lokhu enginitshela khona, futhi nikubone kubonakaliswa, nguJesu Kristu. Bese-ke nibeka izandla zenu phezu komunye nomunye. Nibeke izandla zenu nje phezu komunye nomunye. Akunandaba ukuthi yini engalungile, bekani izandla zenu nje phezu komunye umuntu oseduze kwakho.

278 Manje, niyabo, akusikho nje okwami. Yini. "Lezizibonakaliso," akashongo ukuthi, "ziyolandela uWilliam Branham nje." Kwathi, "Ziyo*ba*landela abakholwayo, uma *be*beka izandla *zabo* phezu kwabagulayo."

279 Manje niyeneliseka ukuthi uJesu uyaphila futhi uphakathi kwethu na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngani, Owenza isithembiso ulapha. Manje khulekela umuntu obeke izandla zakho phezu kwakhe. Niyabo? Bakhulekele. Niyabo? Ungazikhulekeli wena. Bakhulekele, ngoba bakhulekela wena. Niyabo? Manje, niyazi Ulapha. Wenza isithembiso. Futhi uma Ezoma qekelele lapha phambi kwabantu futhi asiqinisekise futhi asifakazise, ukuthi siqinisile, manje-ke sikholweni ngayo yonke inhliziyweni yenu.

280 Manje ngizonikhulekela nonke. Futhi nisakhulekelana, asikholwe manje ngazo zonke izinhliziyo zethu.

281 Baba wethu waseZulwini, thina, impela, izinhliziyo zethu ziyaxhuxhuma. Wena ulapha kulobubusuku. Akukho ndawo ephansi kakhulu, akukho ndawo enkulu kakhulu, akukho ndawo ekude kakhulu, kodwa ukuthi Uzoza kubantwana baKho abakholwayo. O Nkulunkulu omkhulu waseZulwini, Uthumele uJesu Kristu ngesimo sikaMoya oNgcwele, olapha manje, futhi ezikhomba Yena uqobo enguyena izolo, namuhla, naphakade, nabantwana bayakukholwa. Ngibanike iZwi laKho. Uliqinisekisile iZwi laKho.

282 Manje kunabaningi abagulayo lapha. Futhi ba—bayaxhuxhuma. Bajabule. Banezandla zabo, lamakholwa,

lababantwana abakholwayo banezandla zabo ezibekwe phezu komfowabo ogulayo noma udade. Bayakholwa. Bakhulekela owesilisa noma owesifazane. Futhi, Nkulunkulu, Wenza isithembiso. SiyiZwi laKho.

283 Manje, njengenceku yaKho, ngiletha lenkonzo kulendawo ukuthi thina, njengamakholwa, sizela ukuphosela udeveli inselelo, ukuthi usikhohlisile ngapha kakhulu impela njengoba ezokwenza. Sikholwa ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, futhi Uyaphila futhi ulapha nathi kulobubusuku. Futhi silandela imiyalelo yaKhe, ngokubeka isandla sethu phezu komunye nomunye.

284 Sathane, badedele. Phuma kubo, eGameni likaJesu Kristu. Makuthi lezizethameli zabantu zihambe, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Badedele, Sathane. Siyakuyala, ngoBukhona bukaJesu Kristu, Ophilayo, iNdodana kaNkulunkulu evukileyo. Bayeke bahambe. Futhi uphume kubo, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu.

285 Wonke umuntu okhona, lowo, ozwayo ukuthi uJesu Kristu uligcinile iZwi laKhe, ukuthi Uze phakathi kwethu, ukuthi Ulapha ngoba Wethembisa ukuba lapha! Ulapha futhi uzikhombe Yena uqobo. UyiNkosi uJesu efanayo eyahamba eGalile, futhi niyakholwa ukuthi Uligcina lonke eleZwi laKhe. Futhi ngoba omunye umuntu, ikholwa, uzibandakanye nawe, ngokubeka izandla zakhe phezu kwakho, ukuba azibandakanye neZwi likaNkulunkulu, ukuthi manje usuphilisiwe. Futhi uyacasulwa uSathane ukuba abe esakubamba. Ukukholwa kwakho kuyaqaqeka, ukuba kukholwe ukuthi uNkulunkulu ulapha ukugcina iZwi laKhe.

286 Yimani ngezinyawo zenu futhi nemukele ukuphiliswa kwenu. Wonke okukholwayo, sukumani ngezinyawo zenu. Malibongwe iGama leNkosi! Phakamisani izandla zenu bese niMdumisa, manje. Niyaphiliswa eGameni likaJesu Kristu.

Kulungile, Tony, woza.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org